# UPhawu

Ngiyabonga.

> Ngiyakholwa.
> Nkosi, ngiyakholwa; Nkosi, ngiyakholwa,
> Konke kuyenzeka; Nkosi, ngiyakholwa.

2 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko, futhi kulobu bungcwele balomzuzwana, sazi ukuthi sesibuthene futhi, sibuthene lapha eGameni leNkosi, ukuYikhonza. Ngiyamangala, kulezizethameli, uma kungaba khona oyedwa ongaba nesicelo esikhethekile ongathanda ukusazisa kuNkulunkulu, kulobubusuku, njengoba uphakamisa izandla zakho ukuba ukhunjulwe emkhulekweni. Phansi egumbini elingaphansi, nakovulandi abasesitezi, nasezindaweni ezizungezile, ngokufanayo nje, Uyazibona izandla zakho.

3 Nkulunkulu Somandla, uMdali wamaZulu nomhlaba, siza kuWe, eGameni leNkosi uJesu. Ngoba, sithenjisiwe uma singeza eGameni laKhe, siyoba nesicelo sethu. Ngakho-ke siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosithethelela kuqala kunoma yini esendleleni yethu, ukuthi imikhuleko yethu izovinjelwa kulobubusuku, sengathi iGazi leNkosi uJesu khona manje likuhlawulele lokho, njengoba ngokuzithoba sivuma iphutha lethu. Futhi sikhulekela isicelo ngasinye, ngasinye salezozandla eziphakamile. Uyazi ukuthi yini ebingaphansi kwalesosandla, Nkosi, incazelo. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzoyiphendula ngokokuhlakanipha kwaKho okukhulu, Nkosi, ukuthi siyaqonda ukuthi Wazi zonke izinto, futhi wakwazi kusukela ekuqaleni.

4 Futhi siyakhuleka ukuthi lobu kuzoba ubusuku obuzokhunjulwa isikhathi eside, ngenxa yoBukhona baKho bunathi. Njengoba simi kulobubusuku kulokhu kuBonga, ukuvala kosuku, umgubho omkhulu esizweni sonke, kokuthi Ubemuhle kangakanani kokhokho bethu, nathi siphendulela amakhanda ethu ukuKubonga, Nkosi, ngalokho Osenzele khona. Manje sikhulekela ukuthi Uzosipha zonke lezizinto esizicelayo, ngokuba sizicela eGameni likaJesu Kristu, nangodumo lwaKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Ngibonga kakhulu ngenhlanhla yokuba lapha futhi, kulobubusuku, sibuthene kulelihholo elikhulu leLife Tabernakele, ukukhuluma nabantu.

6 Siyaxolisa. UMfowethu Moore wathi abakaze babe nakho, emlandweni webandla, abantu abaningi kangaka. Babuye kaningi kakhulu, kulobubusuku, kunalokho abake bakwenza kuwo wonke umlando webandla, kusukela phambili laphaya.

Yonke indawo igcwele ngaphakathi, ngaphandle, ngaphansi, ukuzungeza ezindongeni, nasemihubheni nangaphandle ezitaladini, futhi nabantu basalokhu beza. Ngakho-ke siyabonga ukuthi kusekhona ukulambela ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, futhi manje siyabonga ngalokhu.

7 Futhi manje, uma iNkosi ithanda, kusasa ebusuku singahle siqale sikhulekele abantu abagulayo, njengoba sivamise ukuba nobusuku, noma obubili, uma silapha kulezizingqungquthela, ukuthi sikhulekela abagulayo. Futhi iNkosi impela ibilokhu isibusisa muva nje ngalezozinto.

8 Benginitshela kulokhu ukusa ngenkosikazi, nokuthi kanjani manje ikakhulu iminyaka emithathu, cishe, o, iminyaka emihlanu noma eyisithupha edlule, ngokumbamba isandla ngobunye ubusuku (ezama ukukhombisa omunye, omunye wesifazane, ukudlikiza okungaka...), ngokwazi ukuthi akanalutho olungalungile ngaye, ngamthola enethumba. Udokotela akakwazanga ukulithola. Kwadlula iminyaka emithathu noma emine, akakwazanga ukulithola.

9 Ekugcineni lavela, cishe eminyakeni emibili edlule, laqala ukukhula ngokushesha; kusukela kusayizi wekinati iwalnut, usayizi kalamula, manje kusayizi kaphaphamuzi. Udokotela... Sasibambelele, ngokukholwa. Nodokotela wathi, "Ufanele nje ulikhiphe. Lizophenduka libe yisimila. Ufanele wenziwe."

10 Futhi izolo, noma kuthangi, azi ukuthi izolo ubezoya kwelamanqamu. Ngaphambi kokuhlolwa, ngaguqa ekamelweni, ngikhuleka, inhliziyo yami yonke. Futhi ngenkathi ngisukuma, noma ngiqalile...Ngaphambi kokuba ngisukume, Wangitshela ukuthi ngithini. Futhi ngasukuma. Futhi udokotela akakwazi ukuthola umkhondo walo, noma kuphi. Konke sekuhambile. Futhi—futhi nje kuhambile, futhi akusekho.

11 Ngaphinda ngamshayela ucingo, esikhashaneni esedlule, futhi wayejabule kakhulu. Wathi, "Evikini eledlule," wathi, "Bill, izinhlungu zazizimbi kakhulu, ngangingakwazi ngisho nokuhlala ngithule, ngangingakwazi ukulala ebusuku, noma lutho." Wathi, "Ngaso sonke isikhathi lapho ngizama ukuphenduka, lelothumba elikhulu lalijika ngaphakathi." Futhi wathi, "Ngithole amazwi kudokotela lapha, wathi, 'UNkk. Branham...'" Kwathi lapho nje eqhamuka etafuleni, yena kanye nabanye odade. "Wathi, 'Awukho umkhondo owodwa. Angazi ukuthi kwenzekeni.' Wathi, 'Awukho nomkhondo owodwa.' Futhi wathi-wathi, 'Sukuma.' Futhi lokho athi kwenze, ngikwenzile. Futhi, ukuthi, iNkosi ikuphendulile okunye."

12 Ngibheke phansi lapha kumngane wami wakudala. Esikhathini esingeside esidlule, umngane ogama lingu... UngumJalimane. Igama lakhe nguD-a-u-c-h, ngiyacabanga, indlela alibhala ngayo igama lakhe. Kodwa simbiza ngoDauch, ngoba angikwazi ukulisho kahle lelo gama

lesiJalimane. Iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye. Ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, kungekudala. Indoda elungile, umsekeli omkhulu wayeku-Oral Roberts namanye amadoda amaningi. Kodwa lapho efika ngolunye usuku etabernakele. Wayengenazo izingubo; wayefuna ukubhaphathizwa, noma kanjani.

13 Ngolunye usuku, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye ubudala. Akabanga nesifo senhliziyo kuphela, kodwa ukwehluleka kwenhliziyo okuphelele. Umkakhe ehlezi lapho, ungumhlengikazi owabhaliswa kudala. Babenaye esibhedlela eLima, e-Ohio, nabanye odokotela abadume kakhulu ababenabo ezweni. Lingekho ithuba lokuthi aphile ihora noma ngaphezulu, wayesehambile; ukuhluleka kwenhliziyo, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye ubudala, nokuhlaselwa yinhliziyo. Ngacabanga, "UMfowethu Bill Dauch bandla, mhlawumbe ukumbona kwami kokugcina. Kumele ngizame ukufika kuye." Ngakhuleka ubusuku bonke. Lapho bengitshela ukuthi wayelele ngokumelwa yinhliziyo, Ngangazi, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanye ubudala, wayengekwazi ukuphuma.

14 Ngakho-ke, umngane wami omuhle kangaka manje, nomndeni wami, futhi ngaqala ukuhlangana naye, ngakusasa ekuseni. Emgwaqeni okhuphukayo, ngangicabanga, "Yeka ukuthi wayeyindoda enhle kangakanani!" Futhi ngacabanga, "Ngelinye ilanga ngiyombona futhi." Futhi ngangena ku . . .

15 Ngashayela ngesivinini, futhi ngaba nokusikeka kwesondo, angizange ngibe nesikhathi sokulibhalansisa noma lithathwe . . . Lelosondo laphuma emugqeni, lavele lasika ithayi laba yizicucu, likhuphuka kuleyo migwaqo emikhulu kakhonkolo. Futhi ngangena, ngathi, "Anginaso isikhathi sokulishintsha."

16 Indoda yathi, "Uzoliqhumisa, kwamanye amamayela angamakhulu amabili."

17 Ngathi, "Anginaso isikhathi, mnumzane. Ngiyabonga. Vele uliyeke liqhume." Futhi ngathi, "Nginesipele. Ngifanele ngifike kumngane ofayo."

18 Futhi ngaqala ukuhambahamba lapho. Ngase ngiphakamisa amehlo, kwase kuvela umbono. Ngibone uMfowethu Dauch ehlezi ebandleni. Ngambuka, eza, futhi nangu eze ehla ngesitaladi, wayesebamba isandla sami futhi wasixhawula. Wathi, "Hamba umtshele, 'ISHO KANJE INKOSI.'"

19 Nangu ehlezi, mnumzane. Futhi cishe ngenkonzo elandelayo, Kwenzeka ukuthi ngibheke ezansi lapho, futhi nakho kwakuhlezi uMfowethu Dauch ehlezi ebandleni, washayela ezansi amamayela angamakhulu amathathu ukusuka e-Ohio. Ngiye eNew York ngeviki eledlule, nakho ehlezi eNew York, khona phakathi kwakho konke lokho. Nangu ezansi eShreveport, kulobubusuku, uhlezi lapha manje.

20 Uma ngidlula ezintubeni zesikhathi, ngingene ePhakadeni, uma uNkulunkulu engivumela ukuba ngidlule ngokuthula, ngolunye usuku ngiyomxhawula ngakolunye uhlangothi, ngoba uNkulunkulu ofanayo.

21 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, izinto ezinkulu, angikwazi nje ukungena ukuze nginitshele nje ukuthi kwenzekeni ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Kubukeka kanjalo, ngiyakholwa, ekugcineni . . . kusukela kuleso sehlakalo eColorado, emavikini ambalwa edlule, iNkosi ibe nomusa kakhulu kimi, uku—ukuphendula umkhuleko. Futhi kufanele kube nesigaba sesithathu, niyazi, senkonzo; futhi angisoze ngakusho, ukuthi kuyini. Futhi ngakho-ke ngikholwa ukuthi iNkosi inathi futhi izokwenza izinto ezinkulu.

22 Kulobubusuku, ngicabangile, njengoba lona bekuwumkhosi wokubonga, esikhundleni sokushumayela, Ngizothatha nje njengesifundo sikaSonto sikole, futhi ngibeke isisekelo senkonzo leyo e . . . noma inkonzo yokuphulukisa nanoma—noma iyiphi inkonzo, isisekelo seVangeli. Futhi nganginomfowethu ukuba afunde eNcwadini ka-Eksodusi, isahluko se 12. Ngizoqhubeka ngifunde nje . . . noma ngivele ngifunde lapho enye ingxenye ayifundile, ngaleya. Ngingathanda ukubuya ukuze ngithole umcabango wami. Ivesi le 12 lesahluko le 12, nevesi ne 13, ngicabanga ukuthi yikho.

> *Ngokuba ngiyakudabula izwe laseGibithe ngalobu busuku, ngibulale amazibulo onke ezweni laseGibithe, kokubili abantu nezinkomo; ngenze izahlulelo kuzozonke izithixo zaseGibhithe: ngiyiNkosi.*
>
> *Igazi liyakuba-luphawu* kin*i* endlini *lapho* o*khona: lapho ngibona igazi, ngizodlula phezu kwenu, futhi isifo ngeke sehlele kini ukunibhubhisa, lapho ngishaya izwe laseGibhithe.*

23 Lowo ngumBhalo ogqamile kimi. Futhi manje ngineminingi, eminingi imiBhalo ebhalwe phansi lapha, namanye amanothi, ukuthi ngingathanda ukukhuluma kuwo imizuzu embalwa. Futhi bengingeke . . . zame nje ukukwenza kube njengesifundo sikaSonto sikole, ukuze sizoqonda ngokucacile.

24 Futhi ngibheke isikhathi sokugqabula, sikaMoya kaNkulunkulu, kulezizinsuku zokugcina esiphila kuzo manje; ngokunye ukugeleza kukaMoya oNgcwele, ungene eBandleni; ukwenzela ukholo lohlwitho, ngaphambi nje kokuba lufike. Futhi yonke into ihlezi iqondile ngokohlelo ngalokho. Futhi ngikholwa ukuthi manje sisesikhathini lapho iZwi lifanele libe nokwenzisisa. Ngikholwa ukuthi isikhathi sokubeka eceleni izivumokholo zethu nemicabango yethu, futhi sibuyele eZwini.

25 UNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, njengoba ngikhulume izolo kusihlwa, Washo ukuphela kusukela ekuqaleni. Washo okuyoba khona esizukulwaneni ngasinye. Kanti,

futhi, "UNkulunkulu, ezikhathini zasendulo, Wathumela abaprofethi." Lapho isikhathi ngasinye sifika ukuba lezozinto zenzeke kulowonyaka, Wathumela abaprofethi. NeZwi leNkosi njalo liza kubaprofethi baKhe, umprofethi walowonyaka. Futhi isikhathi ngasinye, into kuphela lowomprofethi ayenza kwakungukubonakalisa, ncamashi, isithembiso salowonyaka.

26 Futhi lapho usuku iNkosi yethu uJesu ifika enkundleni, Wayengukubonakaliswa kweZwi lalowonyaka. Wayengu-Isaya 9:6, "Sizalelwe uMntwana," nokunye nokunye. Kwase kuthi-ke Wayengu-Isaya 35, u-Isaya 28:19, okufanayo. Leyo, yonke leyomiBhalo eyabikezelwa, Waphuma ukubonakalisa leloZwi. Wenza khona kanye okwakumele kwenziwe ngalolosuku. Ngokuba, iZwi, leNcwadi iyiZwi, neZwi linguNkulunkulu.

27 Futhi manje isivele ibekiwe. Kudingeka nje umuntu othize eze enkundleni, ukubonakalisa lezozithembiso, ukukholwa o—obizweni lukaNkulunkulu. Futhi ngiyazi sibe sezansi sadlula ekuzenziseni okuningi, nokunye nokunye. UMose no-Aroni bagijimela entweni efanayo. Kodwa, lapho lokho kuvela, yima unganyakazi. UMose, ngenkathi ehlangana naleyomibono ephathelene nemizwa omkhulu, wavele wabadedela bahamba. Babenza lokho impela akwenza, kodwa walinda kwaze kwaba yilapho ukubonakaliswa okugcwele sekwenzekile. Futhi kwethenjiswa into efanayo ukuthi iyokwenzeka ngezinsuku zokugcina. "Ngokuba njengoJambre noJane bamelana noMose," kanjalo namadoda anamuhla. Kodwa, manje, lokho akusimisi isithembiso. Lokho kuzokhulisa isithembiso kuphela. Lokho kuyosenza sibe ngokoqobo.

28 Manje ngifuna niqaphele, kulobubusuku, esizokhuluma ngakho ngukuthi: *UPhawu*. Uphawu!

29 Manje, okokuqala, ngifuna niqaphele ukuthi inqubo yalokhu iyini—yini, inqubo yephasika. Kufanele kube yimvu yesilisa, futhi ifanele ihlolwe izinsuku eziyishumi nane.

30 Kungumfanekiso ophelele kangakanani kaKristu, isifaniso, oweSilisa, iWundlu, futhi Wavivinywa iminyaka emithathu nengxenye yenkonzo yaKhe, ngabagxeki nakho konke, abefundisi basesontweni bangalolosuku, kodwa kwafakazelwa ukuthi ubambelisisa eZwini likaBaba. Ngisho naphambi kukaSathane, Wathi, "Kulotshiwe. Kulotshiwe." Njalo njalo Wasinqoba isitha, eZwini.

31 Isibonelo esiphelele kithi namuhla, njalo nqoba isitha ngeZwi likaNkulunkulu elilotshelwe usuku!

32 Futhi wathi kubo, "Hlolani imiBhalo, ngokuba nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade kuYo, futhi YiYo efakaza ngaMi." Ngamanye amazwi, "Uma Ngingenzi lokho umBhalo othi kufanele kwenziwe ngalolusuku, khona-ke Ngingongakholwayo. Kodwa-ke ngubani oNgangibeka icala ngesono na?" *Isono* ngu "kungakholwa." Wabonakalisa sonke

isithembiso uNkulunkulu asenzela lolosuku. Wasigcwalisa. Wahlangana nosuku ngoba WayenguMesiya, futhi lolo kwakuwusuku lukaMesiya.

33 Manje siyaqaphela ukuthi, ngesikhathi sokuhlwa, iwundlu lalihlatshwa, emva kwesidlo sakusihlwa, se—sekuhlwile kakhulu. Ngendlela efanayo iWundlu elabulawa ngayo!

34 Manje qaphelani, lonke ibandla lika-Israyeli lalifanele libulale iwundlu. Futhi kwakungu-Israyeli owafakaza ngokufa kwaKhe futhi wabiza iGazi laKhe. Sikhuluma ngalokho kusasa ebusuku, uma iNkosi ingen-. . . uma kungenzeka futhi kuthokozise iNkosi, "IGazi ezandleni."

35 Futhi qaphelani, leligazi alixutshwanga nanoma yini enye. Lalingexutshaniswe. Kwakuyigazi nje, lodwa, lalelowundlu. Futhi lifanele lishaywe phezu kwekhothamo nasensikeni yomnyango. Lalingexutshaniswe.

36 Yilokho namuhla, bazama ukuhlanganisa konke okunye naLokhu, izivumokholo nezinhlangano, na—nazo zonke izinhlobo zokuzijabulisa nakho konke, kodwa ngeke kuxubane! Kukhona ngokuphelele, ngeke Kuxubane nanoma yini. Igazi lalingexutshaniswe.

37 Futhi kufanele kudliwe, kulungiswe, abantu abagqokisiwe abalungele uhambo. Lapho lokhu kwenziwa, abantu kumele balungele uhambo.

38 Akusikho okongakholwayo, emi ngaphandle futhi ezwelana naKho. Kungokwekholwa eselivele lingaphansi kweGazi, eselivele ligqokile, lifake izicathulo, udondolo esandleni salo, izinkalo zalo ziboshiwe, futhi lilungele ukuhamba ibanga.

39 Isizathu sokuthi ngikhethe lokhu namhlanje, usuku lokubonga, umgubho, ngokuba u—umgubho namuhla, lokho okokhokho bethu abangabahambi uNkulunkulu ababusisa ukuba beze ngapha ukuzoqala isizwe. Futhi benza, futhi isizwe esinamandla. Simi ngaphezu kwakho konke ezweni namuhla, kukho konke ukukhohlakala kwaso, kodwa sifanele siwe. Asizange sibe sikhulu, ngokwemiBhalo. Asizange siguge. Sasingeliselisha, iwundlu. "Iwundlu lase likhuluma njengodrako phambi kwakhe." Akaphumi emanzini amaningi, ukujiya nezixuku zabantu, kodwa saphuma emhlabeni. Ngakho-ke sithola ukuthi iwundlu lalinezimpondo ezimbili, okwakungamandla omphakathi nawobufundisi; kusobala, bahamba ndawonye manje ukuze bakhulume njengodrako, benze umfanekiso kuso isilo, futhi thina sisenenkululeko yokukhonza uNkulunkulu kulesi sizwe.

40 Futhi manje sikhothamisa amakhanda ethu, sizungeza itafula lethu namuhla, ukubonga uNkulunkulu ngokudla kwemvelo asikhulisele khona futhi wasilungisela khona, kulonyaka. Futhi ukuba Akazange akwenze lokho, ngabe safa sonke. Ngoba, indlela kuphela ongaphila ngayo ngokwenyama,

yingoba kukhona okumele kufe nsuku zonke ukuze wena uphile. Uma udla inyama yenkomo, inkomo yafa. Udla imvu, awu, yafa. Uma udla amazambane, ukuphila kwawo, kwafa. Uma udla imifino, yafa. Uphila kuphela ngento efile. Futhi uma okuthile kungafi, awuphili.

41 Futhi uma okuthile kufanele kufe, ukuze uphile ngokomzimba, kakhulu kangakanani ukuthi into ethile kwadingeka ife ukuze siphile Phakade. Futhi kungento yalokhu kufa engikhuluma ngakho kulobubusuku, ukuthi siyaphila kulobubusuku. Kukhona okumele kufe. IPhasika lalingumfanekiso kaKristu, ukuPhila kwethu okuPhakade. Manje sifuna ukunaka kwakho—kwakho okungahlukanisiwe.

42 Uphawu. Wathi, "Igazi liyakuba wuphawu kini," i—isibonakaliso. "Uphawu," ngokukaWebster, "yisibonakaliso senani elikhokhiwe." Uphawu luyisibonakaliso sokuthi inani selikhokhiwe.

43 Njengezinkampani zikaloliwe kanye nezinkampani zamabhasi. Uyangena futhi ufuna ukuba ne . . . Ugibela ibhasi kuphela ngophawu ezindaweni eziningi, noma lololiwe. Uthenga inani lohambo lwakho, uyalikhokhela, futhi bakunikeza uphawu lokuthi inani lohambo lwakho selukhokhiwe. Ngakho-ke yilokho okufanele ube nakho ukungena ebhasini elihamba kujantshi noma inkampani kaloliwe.

44 Iwundlu lika-Israyeli, elihlatshiwe, laliyisidingakalo sikaJehova. Ukuze ubalekele ukufa, kufanele kube khona ukufa okuyisibambiso. Futhi uJehova wayefuna iwundlu elihlatshiwe, negazi laliwuphawu lokuthi isidingakalo sase senziwe. Manje, igazi lali—laliyisibonakaliso sokuthi kukhona okwakufile, negazi ngokwalo laliwuphawu. Lalisho, ukuthi, "Le ndlu ihlangabezane nezidingakalo zezwi likaJehova, futhi ngakho-ke ivikelwe yilolu phawu, ukuthi inani lohambo lwethu selikhokhiwe."

45 Umfanekiso omuhle kanje lapha, uKristu ukulokhu, umfanekiso onje pho woPhawu lwethu lwanamuhla!

46 Ukuphila kwakuvela emhlatshelweni. Futhi manje igazi laliwuphawu, iziyalo zaKhe zazenziwe. Igazi! UJehova akudingekanga ukuba akubone ubulala iwundlu. Wawunegazi nje emnyango ngenkathi ingelosi yokufa idlula, futhi kwakuwuphawu ukuthi iwundlu lalifile. Igazi laliwuphawu lokuthi izidingakalo zikaJehova kwakuhlangatshezwane nazo kule ndlu, nokuthi inani lase likhokhiwe, futhi uphawu lwaluyilokho. "Lapho ngibona uphawu, Ngizodlula phezu kwenu." Uma uphawu lulapho, lwakhombisa inani. Niyabo, igazi lalingekhona ukufa, kodwa laliwuphawu lokufa. "Lapho Ngibona igazi, Ngiyokwazi ukuthi inani lokufa selenziwe, ngakho-ke ngizodlula phezu kwenu."

47 Bhekisisani, niyabo, umkhonzi okholwayo wayebandakanywa nomhlatshelo wakhe, ngophawu. Umkhonzi owayekholwa uJehova, futhi wahlangabezana nesidingakalo sikaJehova, wayezibandakanye yena uqobo ngokuzigcoba uphawu kuye uqobo nasendlini yakhe, lokho kwakungukuthi, umkhonzi wayekukholwa lokho. Uhlobo oluphelele lukaKristu walolu suku! Khona-ke, igazi laliwuphawu lokuzibandakanya, ukuthi lelikholwa selihlangabezene nesidingakalo sikaJehova. "Futhi ngiqinisekile ukuthi ingelosi yokufa izomele idlule endlini yami, ngoba ngihlangabezene nophawu lukaJehova. Iwundlu lifile, esikhundleni, lifela umndeni wami nabathandekayo bami abangaphansi kwaleli gazi, futhi nanto uphawu lokuthi iwundlu lifile." Amen. "Nalo uphawu. Izidingakalo zikaNkulunkulu zanelisiwe." Amen. Uma ngicabanga ngakho, inhliziyo yami iyagxuma ngenjabulo.

48 Manje, ukuphila kwesilwane kwakungenakubuyela phezu kwekholwa, ngakho ngakho-ke igazi lalifanele limele uphawu. Niyabo, igazi, lasongwa esilwaneni esaqalwa engqamuzaneni elilodwa legazi, lalenze lonke leligazi elalisesilwaneni. Lapho leligazi lehlukaniswa, ukuphila kwasishiya isilwane. Manje, umkhonzi, ezibandakanya negazi, wayefanele abonise ikhemikhali yangempela yegazi. Kungani na? Yilokho kuphela ayengakubonisa. Ngoba, ukuphila kwesilwane kwakungeke kufike phezu kwesidalwa esingumuntu, ngoba ukuphila kwesilwane akunawo umphefumulo. Kodwa isidalwa esingumuntu sinomphefumulo. Ngakho-ke ukuphila kwakungenakubuya, ngakho-ke igazi lalifanele limele uphawu lokufa.

49 Manje sinoPhawu kulolusuku. Sinikezwe uPhawu oluyisifaniso salolohlobo. Salolophawu lwemvelo, sinikezwe elingaPhezu kwemvelo, uPhawu oluphakeme kakhulu. Konke lokho okwakufanekisela ngaphambili kunikezwe lesisizukulwane, kunikezwe uPhawu. Manje sinoMoya oNgcwele, uluPhawu lwethu, futhi Kungukuzibandakanya kwethu ukuthi samukele ukufa kweWundlu. Akukhona nje kuphela ukuthi uJesu wayeyimpilo yesidalwa esingumuntu ukuthi ibuyele kithi, kodwa KwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe ebonakaliswe enyameni, okwabuyisela phezu kwethu ukuba amadodana, ukuthi manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Lolo wuPhawu. Kungukuzibandakanya kwethu kwephasika. Kungukuzibandakanya kwethu ukuthi simkholiwe uNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wemukele.

50 Emuva lapho babengenalo iVangeli njengoba sinalo namuhla, kwakufundiswa ngezimo futhi kwadlula emasikweni, ngoba uMoya oNgcwele wawungaphiwanga.

51 Kodwa, namuhla, sinayo Into. Asinaso nje isimo, noma amakhemikhali nje; ubungeke uthathe iGazi likaJesu

Kristu futhi uligcobe kuzo zonke izinhliziyo. Kodwa uNkulunkulu wathumela emuva uMoya oNgcwele, lolo wuPhawu olwaluphezu komuntu, enhliziyweni yomuntu. Futhi lokho ngukuzibandakanya kwakho kokuthi ulamukele icebo likaNkulunkulu, wahlangabezana nezidingakalo zikaJehova; Wahlangabezana nazo enzela wena eKalvari, futhi wena uhlangabezane nazo emadolweni akho. Futhi uNkulunkulu ukunike isibonakaliso soPhawu, ukubuya kukaMoya kwakuphezu kukaKristu, kukuwe, nokuzibandakakanya okuqinisekisiwe kwempilo yaKhe, ukufa, ukumbelwa, nokuvuka, futhi uphila kuze kube phakade, manje eBandleni elikholwayo. Amen. KuwuPhawu oluqinisile, isibonakaliso sophawu. Lokho kungaba . . .

52 Kuzokhulunywa kabi ngakho, impela. Yilokho okukukhonela lapho. IGibhithe lahlekisa ngakho, kanjalo nabantu namuhla. Kodwa nokho kusewuPhawu oludingwa nguNkulunkulu. Abakwazanga ukubeka igazi, iGazi eliyikhemikhali likaJesu phezu, njengoba benza iwundlu; ngoba babeka igazi eliyikhemikhali lewundlu phezu kwakhe, ngoba kwakungekho kuphila ewundlwini okwakungabuyela kumkhonzi. Kodwa nakhu ukuPhila okwakuseGazini . . . Okungukuthi, “ukuphila kusegazini.” Manje iGazi lachithwa eKalvari, lagelezela phezu komhlabathi, futhi sinoPhawu lweGazi, okungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukusibandakanya njengamakholwa.

53 “Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” hhayi oprofesa kuphela, kodwa amakholwa abandakanyiwe! “Bangase bangalandeli. *Mhlasimbe* bazokwenza. *Mhlawumbe* bayokwenza”? UJesu wathi, “Ziyakubalandela abakholwayo.” Akunakwenzeka ngokuphelele ukuthi kungenzeki! “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Lokho ukuzibandakanya. Ukukhonjwa kukaJesu kwakuwukubonakalisa iZwi likaNkulunkulu, Ayeyikho. Nenkomba yeBandla namhlanje ingukubonakalisa iZwi elithenjisiwe lalolusuku, ngoMoya ofanayo owabonakaliswa futhi waphilisa iZwi ngaleyonkathi. UMoya ofanayo uphilisa iZwi ekholweni namuhla futhi ubonakalise into efanayo, ekhombisa ukuthi uPhawu lukulomuntu, okungukuPhila okuvusiwe kukaJesu Kristu ophila ekholweni laKhe. O, lokho bekufanele kokhele ibandla ngomlilo! Futhi lokho kuyiqiniso, kuyiqiniso njengoba nje kungaba njalo.

54 Sifanele sizibandakanye noMhlatshelo wethu. Sifanele sibandakanywe ekufeni kwaKhe. Lapho umJuda ebeka isandla sakhe phezu komhlatshelo, wayezibandakanya, edlulisela izono zakhe emhlatshelweni wakhe, futhi umhlatshelo wafa. Manje sibeka izandla zethu, ngokukholwa, phezu kukaJesu Kristu, futhi sibandakanywe naYe ekufeni kwaKhe.

55 Hhayi ekufeni kwaKhe kuphela, kodwa, uma samukelwe, sibandakanywa hhayi ekufeni kwaKhe kuphela kodwa ekuvukeni kwaKhe. NgokuPhila okwakukuYe, kubuyiselwa phezu kwekholwa, njengophawu, isikhumbuzo sokuthi ukufa kudlulile kuso, futhi uNkulunkulu ukubeke uphawu phakathi eMbusweni kaNkulunkulu kuze kube usuku lokuhlengwa kwakho. Abase-Efesu 4:30.

56 IVangeli langempela loqobo, lihlanzekile njengoba ngilazi! Ngiyazi liyiqiniso. Ngilivivinyile. Ayikho enye inkoleloze, akukho ukuzakhela, akukho—kukho maqhinga, akukho migilingwane, akukho lutho. Kuwukukholwa okumsulwa nje okungangcolisiwe eZwini likaNkulunkulu nemisebenzi esiqediwe uNkulunkulu ayeyidinga eKalvari, sazi ukuthi akukho esingakwenza ukuze sizisindise. Simukela nje lokho Asenzela khona.

57 U-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga. Khona-ke uNkulunkulu wamnika uphawu lokusoka, njengophawu lokuthi Wayekwemukele ukukholwa kwakhe. Nanto-ke iVangeli.

58 Manje uma sizisho ukuthi siyamkholwa uNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu uzokhomba ukukholwa kwethu, ngokusinika uPhawu lweGazi likaJesu, elaqeda umsebenzi wethu eKalvari, khona-ke ukuPhila kwethu kukokwaKhe. UkuPhila koMhlatshelo wethu kukithi.

59 Kwakungeke kufike ngegazi eliyikhemikhali lewundlu, ngoba kwakungekho lutho lapho ukuba lubuye, isayensi ephathelene nemithi yemvelo yomhlaba nje. Ubungeke udlulisele igazi esidalweni esingumuntu. Ngeke kusebenze, igazi lesilwane ngeke lingene egazini lomuntu. Ngakho-ke amakhemikhali ayengeke asebenze, okubonisa ukuthi kwakuyisithunzi.

60 Kodwa manje ukuPhila okwakuseGazini kuba luPhawu. Futhi manje uma sizikhomba thina uqobo ekufeni kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, ngokukholwa kuYe nokubhaphathizelwa ekufeni, ukumbelwa, nokuvuka kwaKhe. Lapho sisukuma, uMoya oNgcwele ukhona ukusinika uPhawu, uPhawu lwaPhakade olulotshwe kuyo yonke inhliziyo yakho, umphefumulo, ukwakheka, ingqondo, umzimba, konke okunye, ukuthi ungumuntu ohlukene, nokungakholwa. Ungumuntu ohlukene, nezinto zezwe. Uhlukene nokufa. Uhlukene nakho konke. Futhi ungumkhiqizo uNkulunkulu awubeke uphawu eMbusweni, ngoMoya waKhe oNgcwele.

61 Akekho udeveli, akukho—akukho kugula, akukho kufa, akukho sizi, futhi akukho okunye, okungakukhathaza inqobo nje uma ubambe loloPhawu phezu kwakho. Amen. Ukukholwa kwakho okungaguquki kubhakuzisa lokho, futhi kwakha isimo sikaJesu Kristu, uMfanekiso ohamba kuwo namhlanje.

62 "Futhi lapho ngibona uphawu, Ngizodlula kini." Yisibonakaliso, yisibonakaliso sokuthi inani selikhokhiwe. UJesu wakhokha inani, nawe walemukela kuYe. Ubambe uPhawu esandleni sakho, unesiqiniseko sokuvuka. Unesiqiniseko sokuthi konke okudingayo, kulolu hambo, kuhlinzekwe kuloloPhawu lokuhlupheka kwaKhe eKalvari, lapho Ahlangabezana khona nenani laso sonke isiqalekiso esasingabekwa phezu kwakho. LoloPhawu lukhuluma ukuthula. Amen.

63 Akukho develi ongema phambi kwaLo. Akukho lutho olungama phambi kwaLo, ngoba uNkulunkulu Ulamukele. Futhi ubambe uPhawu esandleni sakho, ukuthi inani selikhokhiwe. O, lu—luPhawu oluqinisile.

64 Uyazi, enkantolo, uma kuthethwa icala, lapho wazi ukuthi ubhekene nokufa, kanjena lapha indoda yenaythiklabhu esanda kubulala loMnu. Oswald. Uma bewazi ukuthi ubhekene nalokho, noma into efana nayo, ubungaqasha ummeli obedlula bonke obungamthola.

65 Bengingakwenza. Ukube bengazi ukuthi impilo yami ibisengcupheni, bengiyoqasha ummeli obedlula bonke ebengingamthola. Wonke umuntu ubengakwenza. Kuyinto enengqondo kuphela ukuyenza.

66 Manje, kuloludaba, ukwazi ukuthi uzoya esihlalweni sikagesi, futhi uzokwehlukana nomndeni wakho, kuze kube phakade, njengoba bekubulala ngogesi, kumbe noma kungaba yini, ngoba uyazi ukuthi unecala. Futhi lo mmeli uzama ukumela icala lakho.

67 Manje ummeli angase acabange ukuthi ukubeke phansi konke. Kodwa, uyabo, ngubani umahluleli ozonquma icala, ukuthi ummeli angakucacisa yini kuye ukuthi ulungisisiwe ngesenzo sakho. Ummeli ufanele akwenze kucace kakhulu ejajini, ukuze ijaji libone ubulungiswa kwesenzo sakho.

68 O Nkulunkulu, ukuba abantu bebengabona lokhu kuphela! IJaji lethu linguMmeli wethu. Icala selixazululiwe. Sekuphelile. Ofanayo oyiJaji unguMmeli, unguMmeli wethu. Icala selixazululiwe, sinoPhawu. Kokubili iJaji noMmeli bangumuntu oyedwa. Ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, iJaji lethu liba nguMmeli wethu, necala lixazululiwe. NoMoya oNgcwele ulapha okoPhawu ukuthi sesilungele ukwedlula sisuka lapha siye emaZweni ngaleya.

69 Sikhululiwe esonweni; asisesibo abesono nhlobo, asisesibo abezwe. "Bantwanyana, anisibo abezwe." IJaji noMmeli wethu wayengofanayo, uMuntu ofanayo, ngakho-ke icala lixazululiwe. I—i—i—icala lalilikhulu kithi! Icala, lokuthi sonile, lalilikhulu kakhulu kithi, kwaze kwathi ngisho neNgelosi enkulu yayingakwazi ukulimela; yayingehlangabezane nezidingakalo.

Akukho Ngelosi, akukho Kherubi, akukho Serafi, akukho okwakungahlangabezana nenani. Okuwukuphela kwento eyayingenziwa ukusindisa uhlanga lwesintu kwakungukuba iJaji lithathe indawo futhi libe nguMmeli, futhi. Futhi yilokho ncamashi Akwenza.

70 Uma uphawu, noma igazi, ngesikhathi sokuphuma kweGibhithe, ukuphuma kwabo, uma uphawu lwaluyisibonakaliso esikhulu kakhulu, manje uma . . . Uphawu lwalungasizi ngalutho ngaphandle uma uphawu lwaluvezwe obala. Uphawu lwalufanele luvezwe obala. Hhayi ozwelanayo nophawu; kodwa uphawu kumele lubhecwe!

71 Futhi akunandaba ukuthi noma ubani wayengafakazisa kangakanani ukuthi wayengumJuda, nomJuda wesivumelwano, ngokusoka, lokho akwenzanga lutho ngakho nhlobo. I . . . Kwathatha uphawu, hhayi isivumelwano. Akazange asho "lapho ngibona isibonakaliso sesivumelwano." Kodwa, "Lapho ngibona uphawu!"

72 Ngakho-ke, namhlanje, ungahle ube ngumKristu ozishoyo, ungahle ube yisivumelwano, ube nesivumelwano noKristu; kodwa ngaphandle uma loloPhawu luvezwe obala kulelihora lakamuva esiza kulo manje, ayikho indlela yokuba Adlule. UPhawu lufanele luvezwe obala. Kufanele luvulwe.

73 Manje, khumbulani, umJuda wayengakhuphuka futhi athi, "Ngizonibeka eceleni nina madoda. Ngikholwa ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngiyamkholwa uMose, umprofethi. Ngiyayikholwa leyoNsika yoMlilo emholayo. Ngikholwa ukuthi lowo nguJehova." Fakaza ngakho konke, kholwa yiZwi lonke, umlayezo wonke, kodwa nokho uthi, "Manje nami ngikahle njengani, ngoba ngingumJuda osokile." Uma wayengenalo lelogazi ngobusuku bephasika, wafa ngokufanayo nje.

74 Futhi namhlanje, lonke ibandla, wonke umuntu ngamunye, ongekho futhi ongeke aluveze obala loloPhawu, lukaMoya oNgcwele, uyafa ngokomoya futhi uzokufa. Akukathaleki ukuthi ukholelwa kangakanani ekufeni, ekumbelweni, nasekuvukeni; kungakhathaleki ukuthi ungasiphinda kangakanani iSivumokholo sabaPhostoli, usiphinde, noma yini ongayenza; kungakhathaleki ukuthi ufunde kahle kangakanani, nokuthi ubenesipiliyoni esingakanani sesayense yezenkolo; ungase ube neziqu zobudokotela, kanye neziQu zoBuciko, nanoma yini enye, i-DD, LD, uDokotela wesiLatin, noma ngabe yini ongaba yiyo, noma incwadi, kodwa lokho ngeke kukwenze. Kufanele kube uPhawu olubezwe obala.

75 Kwakuyisithunzi nje selaNgempela salolu suku, uSifanekiso. UPhawu lufanele luvezwe obala. UmJuda wayengahlinzeka, wayengahlinzeka ubufakazi obubonakalayo bokuthi wayesesivumelwaneni; kodwa uphawu lwalungekho lapho,

isivumelwano sasingenamsebenzi. Futhi kunjalo nanamuhla, mfowethu, dadewethu.

76 Ngifuna ukukhumbule lokhu. Wena ngaphakathi, ngaphandle, egumbini elingaphansi, nomaphi lapho ongaba khona, ihora selifikile. Futhi wonke umuntu angabona ubuthuntu bebandla namuhla. Wonke umuntu angabona ukufa kwamalungu amaningi, amaningi kakhulu. Kungenxa yokuthi nidlalile, nithathe amadlingozi futhi nithathe ezinye izinto. Futhi nithembele ekuhlakanipheni komuntu othize, phezu kwesayense yezenkolo yenhlangano ethize, phezu kobulungu bebandla likamama wakho, naphezu komelusi othize oqotho. Kodwa ukuthi konke izinto ezilungile, angimelene nalutho nazo, njengalokhu ukusoka kwakungenjalo kumJuda, kodwa lokho kwakungelona uhlelo lukaNkulunkulu. "Lapho ngibona igazi," futhi lona kuphela!

77 Futhi namuhla uMoya oNgcwele uyisivumelwano sikaNkulunkulu nabantu besivumelwano sikaNkulunkulu. UMoya oNgcwele, ukuPhila kukaKristu ovusiwe, kufanele kuvezwe obala ebandleni phakathi kwabantu, kuMenza "onguye izolo, namuhla, naphakade."

78 Kungakhathalekile noma ngabe uyilungu eliqotho kangakanani! Ungahle ube noma yini ongaba yiyo, indoda elungile noma owesifazane olungile. Lokho kulungile ngokuqinisekile. Siyakwazisa lokho. Kodwa uPhawu kuphela oluyokugcina uphila, uPhawu lukaNkulunkulu. Angase abe umfundi weBhayibheli. Ungase ube umuntu olungile. Ungaba ngisho uMengameli. Ungaba yinoma yini ofuna ukuba yiyo. Azikho izaba.

79 Ngenkathi uNkulunkulu eqala ukuphuma eGibhithe, ebizela u-Israyeli ngaphandle eGibhithe, eya ezweni laKhe lesethembiso, kwakungekho-zaba. Wonke umuntu kwakufanele aveze obala igazi.

80 Futhi, namhlanje, uphumo, lubiza kuphume ezinqubweni, kungene kuMlobokazi. Akunandaba ukuthi ingakanani inqubo okuyo, isadinga uPhawu lokuPhila kukaJesu Kristu futhi. Akukho okunye okuzosebenza. Noma kunjalo uPhawu lusadingeka.

81 Wonke umuntu, kungakhathaleki noma ngabe wayeyindoda eqotho. Kungenzeka ukuthi wayenguFaro waseGibhithe, futhi wayeyindoda ebaluleke kakhulu yosuku, kodwa uphawu lwalufanele lubhecwe kuyo, akunandaba ukuthi yayibaluleke kangakanani. Noma ngabe ingumbhishobhi, umpristi, noma ngabe yini, umongameli, inkosi, umbusi omkhulu, inkosi enkulu, lokho kwakungahlangene ngalutho nakho. UNkulunkulu waqonda kuphela abantu besivumelwano abanophawu. Into efanayo namhlanje, uMoya oNgcwele uzoqonda kuphela abantu besivumelwano.

82 Sithola ukuthi ukufa kwase kulungele ukushaya iGibhithe noma ngasiphi isikhathi manje. UNkulunkulu wayebabonisile umusa waKhe, amandla, nezibonakaliso.

83 Ngifuna nazi ukuthi lokho kulandele yonke imvuselelo; umusa, amandla, nezibonakaliso. Umusa, ukuza kubantu; amandla, ukuMenza azazise; kanye nesibonakaliso sesikhathi. Khona impela nje Akwenzile namuhla, enye into. Ukwenze ngezindlela eziningi. Ubungathatha lowomBhalo owodwa lapho futhi uwujikelezise uwujikelezise, amaviki ayishumi lapha, futhi ungawushiyi neze.

84 Yeka ukuthi bekuyofanekisela kanjani izigaba ezintathu esidlule kuzo! Bekuyofanekisela izihe ezintathu zikaNkulunkulu, ngoLuther Martin, nePentekoste . . . UMartin Luther, futhi—kanti futhi ngoWesley, nePentekoste, izigaba ezintathu zohambo. Izigaba ezintathu zohambo luka-Israyeli, izithunywa ezintathu eziya eSodoma, zonke lezizinto ezehlukene ezaziyofanekisela.

85 Bekuzofanekisela inkonzo yanamuhla. Bekuzofanekisela umlayezo kaBilly Graham, womusa emhlabeni; ka-Oral Roberts, njengamandla emhlabeni; noBukhona bukaJesu Kristu, njengesibonakaliso sokugcina ezweni. Ngokuba iSodoma lathola isibonakaliso sabo sokugcina, iBandla elingokomoya, lowo owabizelwa ngaphandle, bathola isibonakaliso sabo sokugcina ngaphambi kokuba izwe labeZizwe lishiswe. UJesu wathi, "Kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, into efanayo."

86 Futhi sithola ukuthi lezizinto ezinkulu zazibonakalisiwe eGibhithe, nangaleso sikhathi isifiso sabo kwakungekhona ukuphenduka noma ukukholwa umlayezo.

87 Futhi uma lokho—futhi uma lokho kungesilo izwe namuhla, angilazi izwe. Babekade bebe nomusa, amandla, futhi babona izibonakaliso zonyaka, izibonakaliso zesikhathi. UNkulunkulu eloba, futhi ngesandla saKhe emvelweni, izinto ezinkulu ezesabekayo ezibhakabhakeni, ukuthi abazi, "amasoso andizayo" bawabiza kanjalo, nakho konke; amasputnik, nanoma yini abafuna ukukubiza ngayo, osomkhumbi mkhathi bendiza ezibhakabhakeni; izibonakaliso ezesabekayo, ukuzamazama komhlaba, izindawo ngezindawo, ukubhonga kolwandle, izinhliziyo zamadoda zehluleka; ukwesaba, ukudideka kwesikhathi, nosizi phakathi kwezizwe. Zonke izinto Azithembisile, siyibonile leyo mibhalo yesandla odongeni. Sikubone ngamehlo ethu.

88 Siyabona ebandleni lapho umusa uphumele khona ukubabiza. Siyabona lapho amandla ebonakaliswe khona yiqembu lePentecostal, ukubuyisela futhi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, amandla. Futhi siwabonile aMandla angaphezu kwawemvelo okubandakanywa kukaJesu Kristu

uqobo lwaKhe emi phakathi kwethu phakathi kwethu, futhi enza izinto Azenza ekuqaleni. Bona kanye Ofakazi abafanayo, ncamashi!

89 U-Israyeli ephuma, njengesibonakaliso nje njengoba sinjalo namhlanje. Bhekisisani ukuthi u-Israyeli watholani ophumweni lwabo.

90 Into yokuqala abayitholayo, ukukhomba ngempela ukuthi ihora lase liseduze, kwakungumprofethi onomlayezo. UMose wehla nomyalezo. IZwi likaNkulunkulu lalinoMose.

91 Into elandelayo, uMose wadingeka akhonjwe. Futhi wakhonjwa yiNsika yoMlilo. Eyakhomba umsebenzi wakhe, ukuthi uNkulunkulu wayemthumile. NoMose wayeneZwi likaNkulunkulu, ngisho nokudala izinto nokuzethula phezu komhlaba.

92 Nophawu uNkulunkulu abanika lona, ngegazi, kwakuyinkomba, noma isiqiniseko, njalo, ukuthi bayoweliswa ngesikhathi sokufa.

93 Into efanayo yenzekile namhlanje, into efanayo. IZwi likaNkulunkulu lilethwe kithi; iNsika yoMlilo iphakathi kwethu, ikhomba uJesu Kristu ovusiwe kwabafileyo, "onguye izolo, namuhla, naphakade"; nesiqiniseko sombhaphathizo kaMoya oNgcwele ezinhliziyweni zethu, ukubeka uthando lwethu kuNkulunkulu. Uphumo luyaqhubeka futhi.

94 U-Israyeli ephuma, njengoba ngishilo, ungumfanekiso njengeBandla liphuma, noma uMlobokazi ephuma ebandleni. UMlobokazi uzoba yinsali, kuzoba yiqembu elincane, abakhethiweyo, abamiselwa ngaphambili.

95 Lapho owesifazane ebeka isiqephu sempahla, ebeka iphethini lakhe phezu kwaso, indlela azosinquma ngayo, futhi unendlela yakhe yokukhetha. Kodwa okusele kulelo phethini uhlobo olufanayo lwempahla obelusephethinini, kodwa kwakumiselwe kuye ukuthi akuthathe *lokhu*. Wazilungisela.

96 UNkulunkulu wenza okufanayo. "Futhi insali yenzalo yowesifazane eyayisele phezu komhlaba." Namuhla wukubizwa koMlobokazi aphume ebandleni, uphumo, kwenzelwe uHlwitho. Ngokuba, ibandla ngempela lidlula esikhathini sokuHlupheka, njengoba nina bazalwane bePentecostal nikushumayelile. Ngiyakukholwa lokho. Ibandla liyadlula kukho, kodwa hhayi uMlobokazi. Qhabo, mnumzane!

97 Omunye exoxisana nami ngalokho, esikhathini esingeside esidlule, wathi, "Ibandla lizofanele lidlule, oko—okokuhlanjululwa."

Ngathi, "Lokho kuyiqiniso, ngoba lenqaba iGazi."

98 Kodwa uma isikhathi sokuHlupheka sibamba uMlobokazi, uNkosikazi waKhe uQobo, ekuHlushweni na? Qhabo, mnumzane! IGazi likaJesu Kristu lisihlanzile kuso sonke

isono, futhi akusekho ukuhlanzwa. NeGazi likaJesu Kristu, naloloPhawu, njengenkomba yokuthi selihlanziwe. Amen. Lolo uPhawu loMlobokazi, efake indandatho.

99 Inkonzo kaMose, ka-Israyeli, kwakuyibandla lakhe lonke lalibuthene endaweni yokukhuleka nokukhonza. Ngenkathi lezizinto zifika, njengoba ubefunda kulobubusuku, babefanele bahlale futhi bahambisane. Kanjalo nebandla leNkosi lizibuthela ndawonye, liphuma kuzo zonke izivumokholo nemfundiso ezweni. Livela kuzo zonke izingxenye zaseGibhithe, kuye lapho babebuthene khona endaweni eyodwa.

100 Thina lapha, besingakwazi, singafunda amaHeberu 10:26, futhi sikubone ngokusobala kakhulu. Njengoba sibona izibonakaliso ezinkulu zesikhathi sokuphela emhlabeni, zisixwayisa ukuthi isikhathi sesisondele, sifanele sithandane ngaphezu kwalokho esake sakwenza ezimpilweni zethu zonke. Kufanele kube nendlala enjalo yokuya esontweni! Kufanele kube khona indlala yethu ukuze sifinyelele komunye nomunye! Kufanele kube ukuthandana.

101 Angisakwazi ukulinda impela ukufika eTucson. O, uNkulunkulu wamphulukisa umkami omncane! Uyingxenye yami. Angikwazi ukulinda impela ukufika lapho! Amahora, ngibala izinsuku namahora, lapho engingafika khona ukuze ngibe naye.

102 Yileyondlela iBandla obekufanele libe yiyo. Ngokubona lokho nje, aMandla kaNkulunkulu, Asenzele khona, sifanele ukubala imizuzwana, sihlangana ndawonye othandweni, ukuze sindize sihambe, ngolunye usuku, ukuyohlangana noJesu.

103 Omunye washo, esikhathini esingeside esidlule, wathi, "Mfowethu Branham, uyabethusa abantu, usho lokho, 'UkuFika kweNkosi kuseduze kakhulu!'"

104 Ngathi, "Akufanele bakhathazeke ngalokho. Lokho kufanele kube yinto ejabulisa kakhulu esiyaziyo." Ya.

105 "Futhi Uyobonakala okwesibili, kubo bonke abathanda ukubonakala kwaKhe," abakuthandayo nabakulangazelelayo. Ngukuthandana. Futhi besifanele sithandane kanjani, ngoba siyizakhamuzi ezikanye eMzimbeni ofanayo! Sifanele sibe nothando, omunye komunye.

106 Esexwayisa, isikhathi sesisondele! Amakholwa afanele abe azehlukanise nezinto zezwe, iminako yezwe. Yingalesosizathu ngishaya ngesando kwabesifazane, kanjalonjalo, indlela engenze ngayo. Futhi, khona-ke, zehlukanise nalezi zinhlelo ze-TV! Zehlukanise nalokhu kuvangela kwaseHollywood! Buyela ekujuleni nasebuqothweni! Sima epulpiti, futhi sigxume phansi-naphezulu, futhi sihleke futhi simpongoloze, futhi siqhubeke. Abesifazane besina phansi, izingubo kubo zimpitshe esikhumbeni ngempela, nazo zonke izinhlobo zobucwebe nezinto ezilengayo, nezinwele eziphunguliwe, nabanye bazo

befake izimonyo. Futhi banomelusi onobuhlakani lapho, umshumayeli ongahlanganisa izwi liphelele kakhulu. Akusikho lokho. Asizi e-altare likaNkulunkulu, sihleka, siqhubeka, futhi sisika. Siza e-altare, ngobuqotho nokujula, ngoba lapho siyafa. Awuyi, ekufeni, uhleka futhi uncokola, uma unengqondo yakho elungile. Ngumuntu ohlanyayo owenza lokho.

107 Lapha emavikini ambalwa edlule, ngenkathi ngangibuka u—uhlelo, kwesinye seziteshi zokugcwalisa uphethilolo engangimi kuzo, zomfowethu omkhulu, uBilly Graham, ngenkathi wayenza imvuselelo yakhe enkulu kunazo zonke ayenayo, noma waba nemvuselelo enkulu kunazo zonke eCalifornia. Bengibuka letelevishini, bengibamba ubuso babo beza e-altare. Izinganyana zishayana ngesibhakela, futhi zilwa, zigudla e-altare, futhi zihleka futhi zisika, kungekho eqotho, zihlafuna ushingamu, ziqalaza macala onke. Zingena khona lapho bese zithi "yebo," ziyavuma futhi zibuye ziphume. UBilly wathi angaba nezinkulungwane ezingamashumi amathathu zazo ngesikhathi sonyaka owodwa, akasenamashumi amathathu asele. Abukho ubuqotho. Abakasekho oqotho.

108 Abantu abakakulungeli ukuvuma. Bafuna ukukhuleka, "Nkulunkulu, Ngiphilise, yenza *lokhu*, noma yenza *lokho*, yenza *lokho*." Kodwa uma sekufika ekufeni nya, nokuvuma izono zakho nokulungisana noNkulunkulu, akusabonwa. Yingalesosizathu singasakuboni okunye ukuphulukiswa kunalokho esinakho. Yingalesosizathu ngishumayela lezizinto. Masilungise izinto senzele inkonzo yokuphulukisa. Ufanele wenze into isebenze kuqala. UNkulunkulu uyakuphilisa ngenkazimulo yaKhe. Futhi sifanele silungele inkazimulo yaKhe.

109 Manje yilokho okwadingeka iGibhithe likwenze. Khumbulani, balihlola iwundlu izinsuku eziyishumi nane. IGibhithe . . . Wathi, "Khipha konke ukungcola endlini yakho. Khipha konke, yonke imvubelo."

110 Awukwazi ukuba nemvubelo. Uma loluphawu selungena endlini yakho, loluPhawu, ungeke waba nemvubelo kuLo. Lelo yizwe. Ungeke wathanda uNkulunkulu nomamona, izwe, ngesikhathi esifanayo; zonke iminako yezwe, yonke iminako, nezivumokholo zakho, nokuqophisana kwakho, nokwehluka kwakho. Uza kuJesu Kristu!

111 Ungalicabanga nje iJuda eTestamenteni eLidala, lehla newundlu lalo, ukuzokwenza umnikelo na? Wayelalela uJehova, Ayethi kwenze, kuye. Lokho kwaqhubeka. Wawamukela umhlatshelo. Walibona iwundlu lifa. Izandla zakhe zazinegazi newundlu elifayo. Wabuyela ekhaya, elungisisiwe, ngoba weza ngobuqotho. Kwalungile lokho.

112 Kodwa emva kwesikhashana kuba isiko. Futhi umuntu wathi, "Niyazi, lesi yisikhathi sephasika, kungcono sihambe

senze lokhu, futhi ngifanele nginikele ngewundlu." Kuba yindawo obungathenga kuyo iwundlu, uthole omunye ozomnikelela lona. Kuba yisivumokholo. Kuba yimfundisoze ebandleni. Futhi uNkulunkulu washo wona kanye umhlatshelo Ayewudinga waba yiphunga ekhaleni laKhe, ngoba wanikelwa ngaphandle kobuqotho.

113 Futhi thina bantu bePentecostal singena kulesosigaba esifanayo. Kunjalo. Sehle kwaze kwaphela ubuqotho, phakathi kwethu. Siyangena futhi sizame ukungenisa abantu ebandleni, njengoba kwenza elinye ibandla, ukuthola izixuku ezinkulu, nokunye nokunye, emabandleni ethu. Asifanele neze sikwenze lokho.

114 Sifanele size ebuqothweni, futhi lapho sife njengofile njengoba singaba njalo, ukuze iGazi likaJesu Kristu noPhawu kungehlela phezu kwethu. Kwenza umuntu abe umuntu ohlukile. Owesifazane angasukuma lapho futhi ahambe, ufuna ukulalela yonke imiBhalo ekuleloBhayibheli, kungakhathaleki ukuthi kwenzekani. Umuntu, ngendlela efanayo; akukho hlelo, akukho sivumokholo nanoma yini enye, engake imehlukanise nothando lukaNkulunkulu aluthola lapho kulelo altare, uma ezoqhubeka nokulandela indlela yeNkosi. Kodwa namuhla asinabo ubuqotho kukho, sikuthatha nje njengesiko, "Obaba bethu benza *lokhu*."

115 NjengoSuku lokuBonga. Abantu abaningi namuhla abakaze bacabange, amashumi ezinkulungwane aphindwe kazinkulungwane, futhi izigidi zaseMelika zidla idina namuhla emgubhweni wokubonga, negalikuni etafuleni, futhi azikaze zinikele isibusiso, ukubonga okubuyisiwe. Kodwa bebengeke babe nalokhu ngaphandle kokuba nakho. Etafuleni elifanayo lapho babenegalikuni, ikwata kagologo nobhiya omningi uhlezi uzungeze itafula. Sekuphenduke isiko.

Wena uthi, "Kuxakile lokho. Lokho akubona ngisho nobuMelika."

116 Ngizoyibuyisela ngqo ethangeni akho. Ukuza e-altare nokuvuma izono okomile kuyisiko. Ufanele ufele lapho eMhlatshelweni wakho, njengoba uzikhomba wena uqobo ukuthi ufile. Amen. Wambelwa kuKristu, i—izwe lifile emva kwakho. Futhi uzohamba empilweni entsha noKristu Jesu, ekuvukeni kwaKhe, uthanda iZwi laKhe, uthatha iZwi laKhe, Mbhekisise Ezikhomba eZwini laKhe, njengokunikeza wena inkomba yokuthi usudlulile ekufeni wangena ekuphileni. Isikhathi esinjena pho esiphila kuso! Yebo, mnumzane.

117 Manje siyabona ukuthi siphila ezansi emahoreni okugcina, amakholwa afanele emukele lonke iZwi.

118 Qaphelani, kwakungesikho nje ukuhlangana ndawonye futhi sikhulume ngakho, ukuthi wonke amaJuda ahlangana ndawonye futhi athi, "Manje ngizonitshela ukuthini, nginitshele, bafo.

Niyazi, ngikholwa ukuthi uMose uqinisile, ngoba, bukani, sibona uNkulunkulu ezibandakanya qobo lwaKhe noMose. Ngoba, sibona leyoNsika yoMlilo, siyazi ukuthi kwenzekani. Siyazazi zonke izinkomba uNkulunkulu azinika uMose. Kulungile. Uyazi, wathi, 'Sifanele sibe negazi emnyango.' Ngiyakukholwa lokho. Kodwa, niyazi, emva kwakho konke, ngikholwa ukuthi ngicishe ngilunge njengawo wonke umuntu. Ngi—ngi—ngi—ngingumJuda wesivumelwano ngempela. Ngisokile futhi ngikhokha iminikelo yami nokweshumi ebandleni. Ngani, ngisho nompristi, ngidla naye idina. Awu, ngiyindoda elunge njengani nonke." Akukhona lokho okwenzekile.

119 Asifanele sihlangane ukuze sikhulume ngoMlayezo. Sihlangene ukuze singene eMlayezweni. NoMlayezo nguKristu, UyiZwi. Kunjalo. Sifanele singene kuLo, singene ngaphansi kwaLo. Yebo, mnumzane. Yilokho okufanele sikwenze.

120 Wayengenacala nganoma yimuphi umuntu ophuma ngaphansi kwegazi, ngisho noyedwa; kungakhathaleki ukuthi wayengubani, wayengenacala. Bonke kwakudingeka bathathe hhayi yena kuphela, kodwa wonke umndeni wakhe. Baphephile kuphela lapho u—uphawu lwaluvezwe obala.

121 Asikwazi ukuzizwa siphephile kuze kuvezwe obala loluPhawu. Kunjalo. Ufanele ungene ngaphansi kwaloluPhawu, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Futhi Luveza kuwe uJesu Kristu, ngoba Luza futhi luphile kuwe.

122 Njengoba ngishilo izolo ebusuku, na—nasenhla eNew York, komunye weMilayezo. Uma ngi—uma ngikutshelile ukuthi uShakespeare ubephila kimi, bengiyokwenza imisebenzi kaShakespeare. Ngoba, angikwazanga ukuzibamba, angiseyena mina uqobo, sengifile. UShakespeare nami asikwazi ukuphila ndawonye lapha. UShakespeare wayeyimbongi, futhi ngingumfundisi, asikwazi ukuphile ndawonye. Kodwa uma ngifile kimi uqobo, khona-ke, noShakespeare ephila kimi, imisebenzi kaShakespeare ngiyoyenza. Impilo kaShakespeare kimi izophilwa njengoShakespeare. Uma impilo kaBeethoven ibiphila kimi, bengiyoba nguBeethoven. Uma impilo kaJohn Dillinger ibiphila kimi, bengingaba nguJohn Dillinger. Kunjalo.

123 Futhi uma ukuPhila kukaJesu Kristu kuphila kumuntu, babandakanywa kanye naYe. NguKristu kuwe. Hhayi ilunga lebandla, hhayi inqubo, kodwa aMandla avusiwe. NguMoya oNgcwele, uPhawu phezu kwakho, ukuthi impilo yakho ithi "amen" kuyo yonke imiBhalo. Isithembiso sibhalwe phakathi lapho.

124 Futhi awuseyena ngesingawe wena. Wena ungokaKristu. Awucabangi imicabango yakho. Awucabangi imicabango yakho, wena uthi, "Ngiyacabanga." Awunawo umcabango ozayo. UkuPhila okwakukuKristu kukuwe. Umqondo

owawukuKristu ukuwe. Imisebenzi eyayikuKristu ikuwe, noKristu uqobo lwaKhe ukuwe. Ufile; ukuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, kubekwe uphawu phakathi lapho ngoMoya oNgcwele. Awuyena owakho.

125 Wayengenacala ngamuntu. Umndeni wonke ufanele ungeniswe, nophawu lufanele luvezwe obala. Kwakufanele kube njalo. Uma lwalungaveziwe obala, khona-ke lwalungenamsebenzi. Ubungakholelwa kukho, ubungathi, "O, yebo, ngiyakukholwa." Kodwa lokho akukwenzanga. Wena uthi, "Awu, ngizokutshela engizokwenza. Ngizolifaka ebhakedeni, futhi ngizolibeka lapha odongeni. Kodwa empeleni, ngiyacabanga, inqobo nje uma ngi—uma nginalo phakathi lapha, ukuba benginegazi *ngapha*." Qhabo, mnumzane.

126 Ungeke waba ngumfana oyimfihlo ngaLo. Qhabo, mnumzane. Ufanele ube naLo! Ufanele ube naLo luveziwe. Leyo kwakuyinhloso yokulibeka eminyango, ukuze Alibone ekhothameni nasensikeni yomnyango. Yinto ongenamahloni ngayo. Nifuna izwe lonke lazi ukuthi nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu.

127 Ukhuluma ngoSuku lokuBonga, ngiyakutshela, hhayi isiko, lutho nhlobo. Sinamasiko amaningi kakhulu manje. Esikudingayo namuhla ukuvuselela, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele emuva ebandleni; hhayi umgubho, kodwa ukugcwaliswa. Bese-ke lokho bekufanele kube umgubho wethu woSuku lokuBonga, njengoba singawubiza kanjalo. Bekufanele kube uMoya oNgcwele ongena ezimpilweni zethu. Uma besingadla igalikuli njengoba okhokho bethu bedla, besifanele semukele uMoya oNgcwele njengoba okhokho baba nawo. Amen. Hhayi isiko, kodwa umyalo ovela kuNkulunkulu. Sifanele siWemukele.

128 Bukani uJoshuwa, futhi nifunde uJoshuwa, isahluko se 2. Ngiwubhale phansi lapha, "Yifunde." Anginaso isikhathi. Kodwa ngifuna nazi, ngenkathi uMose noJoshuwa besendleleni bedabula ehlane, beza ophumweni, bathuma abefundisi abathile, izinhloli, ukuba zihambe zihlole izwe. Futhi khumbulani, kwakukhona oweZizwe ngaphesheya ngalokunye uhlangothi lomfula, ogama linguRahabi. Wayeyisifebe. Ingane empofu yayingohamba esitaladini, mhlasimbe umndeni wayo wayiphendukela. Kodwa sithola ukuthi ngenkathi ebona lawomadoda futhi azi ukuthi ayengamadoda kaNkulunkulu, wayeyisifebe, futhi wayefuna ukwazi ukuthi kwakungaba khona yini noma yimuphi umusa ayengawunikezwa.

129 UNkulunkulu ubapha umusa labo abacela umusa. Bonke abacela umusa bayakwamukeliswa umusa.

130 Qaphelani lesi sifebe, sathi, "Ngizobonisa umusa." Qaphelani, wayengadingi ukubona uJoshuwa. Wayengazi ukuthi akame kanjani izinwele zakhe, izingubo ayezigqokile. Wathi,

"Ngizwile ukuthi uNkulunkulu unawe." Yilokho kuphela ayefuna ukukwazi.

131 Futhi ngiyakutshela, namuhla, mfowethu, akusiyo indlela ozikama ngayo izinwele zakho, noma okwenzayo, noma hlobo luni lwezingubo ozigqokayo, hlobo luni lwePh.D. onalo. "Ngizwa kuthiwa uNkulunkulu uphakathi kwenu," yilokho okusemqoka. Sifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu ukuphi phakathi kwalokhu.

132 Qaphelani izinhlangano. Bhekani lapho ziyakhona. Ingabe uNkulunkulu uphakathi kwezinhlangano na? Uma kunjalo, khona-ke Ubaholela ngqo eMkhandlwini wamaBandla, futhi babuyele ophawini lwesilo. UNkulunkulu akekho kulokho.

133 UNkulunkulu useZwini laKhe, ngokuba UyiZwi. Kunjalo impela. "Ngizwile." Nokukholwa akuveli ngokuzwa umkhandlu, kodwa iZwi. Ukuzwa iZwi!

134 Bakubona lokhu, futhi bazi. Wayazi ukuthi kwakuyiqiniso. Wacela umusa, qaphelani, kokubili yena nomndeni wakhe. Wacelela yena nomndeni wakhe, njengoba nje benza eGibhithe.

135 Qaphelani, lapho wanikwa uphawu, uphawu olubomvu. Ukuthi intambo ebomvu ehlisa abantu, izinhloli, ngefasitela, yayizoba wuphawu. UNkulunkulu wayengeke, ebhubhisa ingelosi . . . Ingelosi kaNkulunkulu ebhubhisayo yayingeke isondele kuye inqobo nje uma wayenalolophawu. Kodwa, futhi kuthiwani uma ethi, "O, ngibehlisile. Ngenze—ngenze isenzo esihle. Ngakho-ke manje ukuvimbela noma ubani ukuthi angigxeke, futhi ngibona lentambo ebomvu ilenga lapha, Ngizodonsa ngibuyisele intambo phezulu"? Bese kuthi i . . . ingelosi yokwahlulela yayingeke idlule phezu kwendlu yakhe. Wayefanele aveze obala uphawu. Lwalufanele luhlale lapho.

136 Haleluya! O, kusho "makabongwe uNkulunkulu wethu," kulawa mahora. Khumbula lokhu. Angikho lapha ukuba ngihlale. Angikho phakathi lapha ngishumayela ukuze ngiziphile. Qhabo, mnumzane. Ngingakusebenzela lokho, okwamanje. Angikwenzeli lokho lokhu. Ukube bengicabanga ukuthi ibikhona enye indlela ngaphandle kwalena elungile . . . Khumbulani, yimi lo, ngifanele ngihlangane noNkulunkulu. Umphefumulo wami. Kufanele kube yimi. Akumina kuphela, kodwa ngiyoba nokulahlwa okuningi. IZwi likaNkulunkulu linguNkulunkulu. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu olulele lapho, futhi lelo yiQiniso.

137 Ngikholwa ukuthi intambo ebomvu bekufanele ibezwe obala, noma ingelosi, ingelosi ebhubhisayo, yayingingeke ihloniphe noma yini enye ngaphandle kwalolophawu lapho luveziwe. Izithunywa zamnika uphawu, futhi ufanele alugcine luvezwe obala.

138 Qaphelani, iJeriko yayizwile lokho uNkulunkulu ayekwenzile, kodwa ayengenzanga lutho ukuthatha isexwayiso.

139 Izwe namuhla, alivaliwe eceleni ndawo ndawo, umhlaba wonke uyazazi ukuthi lezizinto ziyaqhubeka. Umhlaba wonke wazi. Ama-Episcopal, amaKatolika, amaLuthela, wonke amahlelo ayazi ukuthi kukhona uNkulunkulu osebenza eZwini laKhe kulolusuku, futhi ugcina izibonakaliso zaKhe nezimangaliso zinyakaza. Akuveleliwe nje ekhoneni. BaLizwa, kodwa abafunanga ukuLemukela. Babenakho.

140 AMandla aKhe amakhulu nezibonakaliso zaKhe kwase kudlaliwe, kubonisiwe, kodwa abafunanga ukuKwemukela. Ngokufanayo nje njengoba kwakunjalo eSodoma, izibonakaliso zaKhe ezinkulu nezimanga zaziveziwe lapho, kodwa abafunanga ukuKwemukela. Ngakho-ke kwakungekho lutho olusele ngaphandle kokwahlulela, kwaba ngokulandelayo. Bafanele bakholwe yiZwi lonke, ukuze baphephe. Kodwa babecabanga ukuthi babephephile, mhlasimbe, enhlanganweni yabo enkulu yaseJeriko, umuzi wabo. Babecabanga ukuthi lokho kwakukuhle ngokwanele, kodwa kwakungenjalo.

141 Kodwa isifebe esisodwa esincane. Kufanele ukuthi kwakukhona abafana bamateyipu abangena lapho futhi badlala amanye amateyipu. I—inzalo eyamiselwa ngaphambili yakubamba futhi yakukholwa. Ngakho-ke, noma kanjani, bangena lapho ngomlayezo. Babenenkonzo ngalobo busuku endlini yakhe. Wasebenzisa indlu yakhe njengendlu yokukhonzela, ukwamukela umlayezo.

142 O Nkulunkulu, asivule izinhliziyo zethu futhi semukele uMlayezo, ukuthi uJesu uyaphila kulobubusuku. Ukhona lapha phakathi kwethu. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Vula indlu yakho futhi uvumele isiThunywa, uMoya oNgcwele, angene futhi akukhomba ngoBukhona baKhe uQobo, uPhawu oluphezu kwakho. Khona-ke awudingeki ukuthatha izwi lomunye umuntu ngakho, Ukhona ukuba Azikhulumele. Futhi UyiZwi. Kunjalo. LuPhawu lukaNkulunkulu, ukukhomba uQobo lwaKhe.

143 Wasebenzisa indlu yakhe enzela izithunywa. Wase-ke ethola wonke umuzi, owawuzokholwa, ngaphansi kophawu olufanayo.

144 Futhi yileyondlela ibandla elifanele lenze ngayo namhlanje, lithola yonke into ezokholwa, phansi koPhawu. UPhawu nguMoya oNgcwele. Khumbulani nje, bafanele bangene ngaphansi kukaMoya oNgcwele.

145 Futhi lapho uNkulunkulu esebhubhise izingelosi zakhe . . . Ingelosi ebhubhisayo iyangena, futhi lapho sebebone isibonakaliso sophawu, abendlu yakhe bama. Konke okweJeriko kwawa phansi. Kodwa ukukhala kwecilongo nje, cabanga nje, futhi zonke izindonga zawa phansi. Basuka masinyane futhi babulala ngokuceka yonke into eyayilapho, kodwa konke okwakungaphansi kwalolophawu kwakuphephile. Kungani na? Isithunywa sikaNkulunkulu sasifikile. Babebatshele iqiniso

futhi bangena ngaphansi kophawu. Yebo, mnumzane. Kodwa abaningi babo babengafuni ukukukholwa. Ngakho-ke uma babengafuni ukukukholwa, kwakufanele bathathe izimo.

146 Impilo efanayo eyayisophawini eGibhithe, niyabo, impilo, into efanayo njengophawu lokuphila eGibhithe.

147 Ngenkathi behlisa intambo, lolo kwakuwuphawu. Kulelozwe labeZizwe, lalingekho igazi elabhecelwa bona ngaleso sikhathi, kodwa banikeza isiboniso sokubomvu, sophawu. Ngakho-ke, lapho bebone uphawu; UJoshuwa, umfanekiso kaJesu, wayethembekile ophawini nesibonakaliso izithunywa zakhe ezazisishumayelile, ngenkathi uJoshuwa eyala ukuthi kungabikho-muntu ofanele akhuphukele kuleyondlu lapho lolophawu lwalukhona (qhabo, mnumzane), ngoba kwakungekho muntu owayezobulawa ngaphansi kwalolophawu. Futhi u*Joshuwa* kusho ngempela u "Jehova Msindisi," njengoba kwenza uJesu. Futhi ngenkathi ethumela izithunywa zakhe, uJoshuwa, omunye umfanekiso ezweni labeZizwe, nabeZizwe, lelo dlanzana elincane elakholwa futhi aveza obala loluphawu, ngisho nengelosi ebhubhisayo yaluqonda lolophawu. Niyabo?

Yileyonto kuphela Azoyiqonda namuhla.

148 Akazange amqonde umongameli waleyo nkampani. Qha. Akazange aqonde induna, amakhosi ezempi, indoda enkulu. Akazange abaqonde. Waqonda kuphela lapho uphawu lwaluvezwe khona. Abaningi babo kungahle ukuba bakukholwa. Abaningi babo kungahle ukuthi bakholwa ukuthi babezothathwa, kodwa lokho akuzange kukuvimbe. Uphawu lwalufanele luvezwe obala uphawu. Yebo, mnumzane. Yilokho kuphela. Bonke abangaphansi kwalo basindiswa, eGibhithe. Futhi ngesikhathi esifanayo, bonke ngaphansi kwalo basindiswa eJeriko.

149 IWundlu elinegazi liwuPhawu lwethu kulobubusuku. KumaHeberu 13:10, na 20, kubizwa ngokuthi "isivumelwano saphakade," uma ungathanda ukukufunda. Izithembiso zikaNkulunkulu eziboshelwe yiGazi zasikhulula esonweni nasenyameni. Kuyisivumelwano saphakade, ukukhuleka kuYe nokuveza izibonakaliso zaKhe ezithenjisiwe. ITestamente eLisha yisivumelwano esisha eGazini laKhe. IBhayibheli lasho njalo. I*Testamente eLisha* lisho "isivumelwano esisha," UkuPhila kweGazi, uPhawu lokuPhila olusha kithi. Lapho igazi elidala lalimelela isibonakaliso esilula sesayensi ephathelene nemithi yemvelo yomhlaba ukuthi iwundlu lalifile, uMoya oNgcwele ungukuPhila okwakukuMuntu kaJesu Kristu obonakaliswe kuwe nami, kulobubusuku. Ngaphandle kwalokho, asikho isihe. "Kuphela lapho Ngibona igazi, ngizodlula kini."

150 Ngizama ukugcizelela emiqondweni yenu, mngane, ukuthi ihora seligadlile, ukuthi kukhona okumele kwenziwe ngakho. Sifanele senze okuthile. Kuphakathi kokuthi kungaphakathi noma kungaphandle. Yilokho kuphela. Ihora selifikile lapho uPhawu lufanele lube lapho. Uma lokhu kuke . . . Uma lelibandla like lalindela ukuhlala liphila kuze kufike uJesu Kristu, uPhawu luzofanele lube lapha. Yilokho kuphela. Uma ukufa kungenzeki, kuzothatha uphawu lokufa. Futhi maduze nje, kusengqungqutheleni khona manje, umshini omkhulu umisiwe ukwenza wonke amabandla angene kuleyonhlanganisela yamabandla.

151 Futhi kungcono ube nalo ngempela uPhawu olukhanyayo. Kodwa ihora selifikile lophumo. Futhi kulesi sikhathi siya eZweni lesethembiso, isithembiso sokuPhila okuPhakade. LoluPhawu lukhombisa ukuthi uJesu Kristu . . . UMoya oNgcwele ukhombisa ukuthi uJesu uhlangabezane naso sonke isidingakalo sethu, ukuthi thina si, emvelweni yethu, singamadodana kaNkulunkulu awile. Futhi asinawo amandla ngaphakathi kithi. Asinakho ukuPhila ngaphakathi kithi. Siyisizwe esiwileyo sabantu, esivela ku-Adamu. Kodwa lapho singaveza obala uPhawu, ukuthi iZwi nathi siba yinto efanayo, kukhombisa ukuthi uJesu Kristu wahlangabezana nesidingakalo sesono nokufa kwethu, futhi kuveze obala uPhawu lwaKhe ngaphakathi kwethu. O, kungaba lula kanjani! Ulahliwe. Sonke salahlwa. Ayikho indlela yokuzisindisa, futhi uNkulunkulu usithumelele uPhawu. Wabulala iNdodana yaKhe eKalvari, ngenxa yethu. NokuPhila okwakukuleloGazi, ngenkathi Lichithwa eKalvari, kubuyile ukuba kube uPhawu phezu kwethu.

152 UPhawu lukaNkulunkulu, olungunaphakade, LungukuPhila okuPhakade ngoNkulunkulu waPhakade. Futhi noma yini eyayinesiqalo inesiphetho, futhi yonke into yayinesiqalo ngaphandle kukaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uwukuphela kwesimo sokuPhila okuPhakade esikhona. Futhi lapho uNkulunkulu efaka uMoya waKhe oNgcwele kuwe, onguNkulunkulu, futhi lapho uNkulunkulu Ezifaka ngaphakathi kwakho, wena uPhakade njengoba uNkulunkulu enjalo. Ngoba, wena uyingxenye yaKhe, ngoba uba yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu futhi ubonisa iZwi laKhe. Haleluya! Ngizizwa ngikholwa. Yiqiniso lelo. UNkulunkulu uyakukhomba, qobo lwaKhe. Wena unokuPhila okuPhakade, futhi lowo nguNkulunkulu kuwe. Futhi leliZwi linguNkulunkulu. NaleloZwi liyaphila futhi liyaZikhiqiza. Khona impela lokho uNkulunkulu akumisele lonyaka, unakho, amen, uMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele uvezwe obala. Yebo, mnumzane. Kuyini na? UMoya oNgcwele, iZwi lihlunyelisiwe kuwe ngoMoya oNgcwele, ukuqinisekisa lonyaka, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

153 Futhi manje usungowaKhe. O, ngoba Unguye, sinelungelo lakho konke Asithengele khona. Zonke izithembiso eBhayibhelini zingezakho. Zingezakho, lapho loluPhawu luphezu kwakho noNkulunkulu ukubeke uphawu. Manje sifuna ukuzihlola umzuzwana nje. Lapho uNkulunkulu esekunike umbhaphathizo weqiniso kaMoya oNgcwele, khona-ke ukuPhila kukaJesu Kristu kungaphakathi kuwe. Manje, lelo yiqiniso, futhi sonke isazi sezenkolo sizofanele sikuvume lokho ukuthi kuyikho. Yebo, mnumzane. Ukuzalwa okusha. Uzelwe ngokusha, ngoMoya oNgcwele. Futhi ngenxa yokuthi uNkulunkulu ukwenzile lokhu, futhi uyazi ukuthi awulungile kuwe, futhi wemukela lokho uNkulunkulu akwenzile, Khona-ke Ukubeka uphawu eMbusweni waKhe, ngoMoya oNgcwele. Futhi yonke into uJesu ayithenga futhi wakwethembisa yona, eBhayibhelini, ingeyakho. Yimpahla yakho ngoba ikhokhelwe. Amen. UkuPhila kungokwami; WaKukhokhela. UkuPhila kungokwakho; WaKukhokhela. Ukuphulukiswa kungokwami; Wakukhokhela. Ukuphulukiswa kungokwakho; Wakukhokhela. Inkululeko ingeyami; Wayikhokhela. IZulu ngelami; Walikhokhela. Ulikhokhile inani. Konke Akuthengayo kungokomuntu ophethe uPhawu. Amen. "Dlulisa uPhawu lwaMi," phezu kwebhasi elihamba kujantshi, "ngaloloSuku lokwaHlulela, futhi Ngizodlula kini." Amen. ULibambe ngaphakathi! Ubambe isivumo sakho eZwini, ukuthi uJesu Kristu ukufele. Futhi lapho Ekwenza, Uziveza Yena ngawe. Amen. Yebo. Uma uqonda uPhawu, ukuPhila okwakuthatha ukuba iGazi likhulume!

154 Wena uyothi, "IGazi liyakhuluma na? Awume kancane, Mfowethu Branham!" Igazi liyakhuluma. IBhayibheli lithi liyahuluma. Kulungile.

155 IGazi liyakhuluma. Khumbulani, iGazi lesivumelwano aliqondwa ngaphandle koPhawu. Manje iZwi liyasiqinisekisa ngesithembiso. Uphawu liyisibonakaliso sokuthi ukuthengwa kwenzelwe thina, futhi uNkulunkulu ukwamukelile.

156 Uma uhamba futhi uthi, "Ngifuna u—ukugibela ukuya eNew York City." Benzani na? Bakunikeza ithikithi. Liyini na? Liwuphawu. Akuyona imali. Liwuphawu, kodwa kuthatha imali ukulithenga.

157 Manje, uma ufuna ukuPhila okuPhakade, wemukela uPhawu, olukhombisa ukuthi inani selikhokhiwe. Akusilo iGazi, kodwa uPhawu lweGazi. YiMpilo uqobo lwaYo. Amen. Ukulalela okugcwele kulo lonke iZwi likaNkulunkulu, kulo lonke iZwi likaNkulunkulu, kuzokunika ilungelo laloluPhawu.

158 Ukwenza kanjani na? UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi niyakwemukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele, uPhawu.

Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kwabakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

159 Ngenkathi bebone lokho kuvezwa okumangalisayo kwaMandla okuvuka, yena (uPetru) wenyukela lapho futhi wacaphuna imiBhalo kaJoweli, kanjalonjalo, enikeza isithembiso salowonyaka, futhi wakhombisa izidingakalo zalowonyaka okwahlangatshezwana nazo kuJesu Kristu, nokuthi Wayebuyisele uPhawu lokufa kwaKhe. NaloloPhawu lwaluphezu kwabo. Futhi wathi, "UPhawu lukini, nakubantwana benu, nakulabo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza, bayofanele babe naloluPhawu." Amen. Akusikho ukuthi "kungenzeka ukuthi bebefanele" babe naLo. "Bayakuba naLo! Niyakwemukeliswa uMoya oNgcwele."

160 Lapho ulalela ngokugcwele iZwi likaNkulunkulu, e—ekuzinikeleni ngokugcwele kuLo, unelungelo loPhawu. Yebo, mnumzane. Ukulalela! "Hhayi lowo othi, 'Nkosi, Nkosi,' kodwa lowo owenza intando." Futhi uma sikhuleka, sifanele sibe noPhawu ukwethula nomkhuleko wethu.

161 Njengoba nje impela senza uma siya—siya esiteshini sebhasi, sithi, "Ngifuna ukugibela."

"Uyaphi na?"

"*Ekutheni-nokuthi*!"

162 Ufanele ube nophawu, uma uphawu ludingeka. Ufanele ube nophawu. Wena uthi, "Awu, ima kancane, ngingu—ngm, nginguMnu. Jones! Manje ake . . ." Lokho akwenzi nomncane umehluko, ufanele ube nophawu. "Awu, ngikutshela ukuthini, ngi—ngiphuthuma emsebenzini wami. Anginaso isikhathi sokudlala." Uzoba nophawu noma ngeke ube nophawu. Uma ungenalo uphawu, ngeke ugibele.

163 Uma unethikithi bese uphumela lapha endizeni, futhi uthi, "Ngifuna ukuya eDolobheni laseNew York."

"Ithikithi? Uphawu?"

164 Wena uthi, "Awu, ngi—ngi—ngizokutshela, anginalo. Ngiwuhlobo lomfo olunge kakhulu. Ngizokukhokhela ngelinye ilanga." Qhabo, mnumzane, unophawu, ufanele ube nalo esandleni sakho. Lufanele livezwe. Lufanele. O!

165 Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ufanele ube naLo! Akufanele ucabange nje kanjalo; kufanele kube uPhawu okukhonjiwe. Kulungile. Kukunika ilungelo, uma ukhokha i . . . uma wamukela inani elikhokhiwe. Yebo, mnumzane.

166 UPawulu uyasitshela, ekhuluma ngokukhuluma ngegazi, uPawulu usitshela ukuthi igazi liyakhuluma. Uyakholwa ukuthi igazi liyakhuluma na? KuGenesise 4:1, noma 4:10, uNkulunkulu watshela uKayini, Wathi, "Uphi umfowenu na?" Wathi, "Igazi

lakhe, iphimbo lakhe—lakhe. . . Igazi lakhe, iphimbo legazi lakhe liyamemeza limelene nawe."

167 Manje siyathola futhi kumaHeberu, isahluko se 12 nevesi la 24, ukuthi iTestamente eLisha, iGazi likhuluma izinto ezingcono. IGazi liyakhuluma. Bese-ke iGazi linePhimbo. NePhimbo leGazi liyiZwi. Haleluya. Yilokho okwenza kube ukuthi kube phakathi kokuthi kulungile noma akulungile. I—iZwi likhonjwa ngePhimbo leGazi. iPhimbo leGazi linguMoya oNgcwele. Lelo liletha ukuPhila. LingukuPhila, futhi Liletha ukuPhila eZwini futhi liyaLiphilisa. Amen, amen, amen.

168 Impela, iGazi liyakhuluma, Likhuluma into engcono. ITestamente eLidala, igazi lalikhuluma ngecala. ETestamenteni eLisha, Likhuluma ngokuhlengwa. ETestamenteni eLidala, lalikhuluma ngokufa nosizi. ETestamenteni eLisha, Likhuluma ngokuvuka nokuPhila. Likhuluma ngokuphulukisa. Likhuluma ngentokozo. Likhuluma ngaMandla. Likhuluma ngokuPhila. Likhuluma ngeZulu. NaleloGazi elifanayo elachithwa emhlabathini, elamemeza umfowabo ofileyo, noma elamemeza umfowabo owayembulele. IGazi likaJesu Kristu lisibekela zonke izono zethu, futhi likhuluma ukuthula nokuvuka, naMandla nokuPhila, nokuphulukisa. Futhi zonke izibusiso zokuhlenga iGazi elachithwa ngenxa yazo, Liyasikhulumela. Impela, iGazi liyakhuluma. O, he!

169 Sifanele sikholwe ngokwethu, njengoba benza ezansi lapho eGibhithe, futhi nangendlu; njengoba benza eGibhithe naseJeriko, kanjalonjalo. Futhi siyathola, nginomBhalo obhalwe lapha, obizwa ngeZenzo 16:31, lapho induna yekhulu yamaRoma yayizozibulala, futhi yayizozigwaza izibulale, futhi uPawulu wayitshela "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, khona-ke wena nendlu yakho niyakusindiswa." Kufanele kube abendlu. Yini eyenza izinganyana ezincane eziningi kangaka. . . Yini eyenza abesifazane abaningi kangaka esitaladini na? Yini eyenza ubuhlongandlebe bezingane obuningi kangaka na? Ngoba asikwazi ukuthola abendlu yethu ngaphansi kweGazi.

170 Abanye abantu bathi, "Awu, ngiyasonta. Umama wenyukela lapho, futhi ngi—ngi—ngi—nganikelwa lapho, ngiseyingane."

171 Ufanele uveze obala uPhawu. Yebo, mnumzane. Khipha yonke imfucumfucu yezwe, zonke izinto zezwe, ngoba ungeke wathanda izinto zezwe, konke ukungakholwa kwakho eZwini likaNkulunkulu. Khumbulani, Wethembisa lezizinto ngezinsuku zokugcina. Noma yini empilweni yakho, e-ephambene nalokho, yikhiphe, futhi ulungele futhi ungenise uPhawu. Bese-ke ubheca uPhawu, emkhulekweni, ngokuzahlukanisela, futhi uneliseke bese uyashisekela ngakho.

172 Uma besingafunda lapha, kwabase-Efesu 2:12, bekungamangaza kithi. Qaphela, "khonza uNkulunkulu ophilayo," ngezibonakaliso eziphilayo, izimiso eziphilayo.

AmaHeberu 9:11-14, asitshela okufanayo. Futhi si—asizinikezeli izindatshana ezifile (asikwenzi) noma isiprofetho. Sikhonza uNkulunkulu ophilayo, ngezibonakaliso eziphilayo.

173 Hhayi, "Ngiya esontweni. Ngijoyinile. Ngiyasazi isivumokholo. Ngi—ngiyalazi ikhathekizimu." Lokho kuyizinhlobo ezifile.

174 Kodwa uPhawu lweqiniso lweGazi, likhuluma, likhuluma ngoBukhona obuphilayo, obuvukile, UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade; kulungile, ophila khona manje phakathi kwethu. Amen. "Likhuluma kangcono." Hhayi ezimweni ezifile nezivumokholo, kodwa oPhawini oluphilayo lukaKristu ophilayo ovusiwe ophila kithi. Qhabo, bayaphika ukuthi kukhona into enjalo, kodwa siyazi ukuthi Iyiqiniso. Kodwa thina esikholwa yiZwi, siyazi ukuthi uNkulunkulu waLethembisa futhi Uyasigcina isithembiso saKhe, siyazi ukuthi nguBukhona baKhe obuphilayo, ngokuba Wenza njengoba Enza.

175 Uma lukuwe, futhi wena uthi, "Awu, angebi. Angiqambi amanga." Awu, leyo yinto nje ongayiyeka. Ungakuyeka ukweba, uyeke ukuqamba amanga, indoda enesimilo esihle iyakwenza lokho. "Ngiyayigcina iMithetho eyiShumi." Bakwenza lokho ngaphambi kokuba uJesu afe. Ya.

176 Kodwa, into yakho ingukuthi, uKristu ephila kuwe! AmaHebheru 13:8, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," efakazisa ukuthi uNkulunkulu uMvusele thina, kwabafileyo, ngokweZwi laKhe elithenjisiwe. Kuyinkomba yokuthi uJesu Kristu uyaphila kulobubusuku. Siyalamukela igazi laKhe lomhlatshelo, ukuthi Wanikela ngokuphila kwaKhe. Uphawu loPhawu, lukaMoya oNgcwele, luyisithembiso sethu. KwabaseEfesu 4:30, wathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu."

177 Ebhaphathizwa ngaloluPhawu, eMzimbeni kaKristu, kwabaseKorinte bokuQala 12, manje singaphansi kweziphiwo zikaMoya esiphakathi lapho. Izwe alikholelwa eziphweni. Ibandla alikholelwa eziphiweni. Kodwa iZwi likaNkulunkulu lithi zikhona iziphiwo. Futhi kuthatha loloPhawu kuphela ukukhomba lezoziphiwo. Ngokuphelele.

178 Futhi kuYe kukhona konke ukugcwala. KuYe kukhona konke ukugcwala kukaNkulunkulu, konke ukugcwala kwesithembiso. Lapho sibhaphathizwa kuYe, sinaso sonke isithembiso, uNkulunkulu asenza, esibekwe ezihlokweni zeminwe yethu. Asikho isono lapho. Akukho kufa lapho. Futhi ngisho nokugula ngeke kuhlale eBukhoneni baKhe. Uma uSathane khona-ke ebeka izandla zakhe kuwe futhi azame ukukulinga ngokuthile, ubamba uPhawu lwakho ezandleni zakho futhi ukukhombise, ukuthi ungumkhiqizo ohlengiwe kaJesu Kristu. Amen. Ukukholwa kwakho okungonakalisiwe

makuzulise loloPhawu lapho, futhi uthi, “Ngiwumkhiqizo owathengwa nguJesu Kristu.” Amen. Ukugula kuyabaleka!

179 Yini eyenze lelothumba elikhulu linyamalale kumkami izolo na? Ngenkathi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule nje, wayeselungele itafula lokuhlinza, futhi manje abayitholi into. Yingenxa yokuthi amandla okuvuka kukaJesu Kristu, loloPhawu lukaNkulunkulu, ukuthi Usaphila. Lokho kwakubhubhisa.

180 Kungani lezi zinto zenzeka na? Yingoba uNkulunkulu wakuthembisa. Ungumkhiqizo. Bamba uPhawu, ekukholweni kwakho okungantengantengi eZwini laKhe elithenjisiwe. UNkulunkulu wake wasinika uPhawu . . .

181 Njengoba ngivala, angifuni ukunibamba isikhathi eside kakhulu. Sizophuma ligamenxe elesishiyagalolunye.

182 UNkulunkulu wanika izwe uphawu, ngesinye isikhathi, kwakuwuthingo lwenkosazana. Wabanika uphawu, lokuthi Akasoze aphinde abhubhise izwe ngamanzi. Futhi Uhlale ethembekile kulolophawu. Amen. Akakaze ehluleke ukuliveza. UNkulunkulu wenza uphawu, wathi, “Ngizokunikeza uphawu. Futhi lapho ngikuthembisa lokhu, njalo uma imvula ifika, ngizokukhombisa loluphawu.” Futhi uNkulunkulu, lapho Enza uphawu, Uveza olwaKhe, ngoba yilokho Athembisa ukukwenza. Futhi Ulindele thina ukuba senze into efanayo. Wayelokhu ehleli ethembekile ophawini lwaKhe.

183 Futhi uma sizalwa ngoMoya kaNkulunkulu, sihlala njalo sithembekile kuWo. Uma uluhlobo oluthile lokuqamba okuyinganekwane, ube nohlobo oluthile lokwesasa, wajoyina ibandla elithile, wenza uhlobo oluthile lwedlingozi, mhlawumbe wakhuluma ngezilimi, noma wamemeza, noma wagxuma phansi-na-phezulu, noma wacula eMoyeni, njengoba nikubiza kanjalo. Ngizibonile zonke lezozinto zivezwe phakathi kwabahedeni, niyabo. Lokho akusho lutho. Kodwa uma ngempela umkhiqizo, ukuPhila okusha kukaJesu Kristu, kungena kowesilisa noma owesifazane, uyisidalwa esisha, umuntu omdala ufile. Useqediwe. Usephelile. LoloPhawu lufanele luveze njalo.

184 UNkulunkulu waveza olwaKhe. Bukani, zonke lezinkulungwane zeminyaka, Akakaze ehluleke ukuluveza kithi. Uthembekile futhi uqinisile ophawini lwaKhe, esibonisa ukuthi Akahluleki ukuhlonipha Lokho Akwenzile. Akalokothi ehluleke ukuhlonipha! Sibona uthingo lwenkosazana, futhi lokho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wasinika lesosithembiso. Futhi Wathi kuyoba ngaleyondlela, futhi Akehluleki neze ukuhlonipha iZwi laKhe. Uyolihlonipha njalo iZwi laKhe. Uyalifakazisa, kulokho. Lonke uphawu Alunikezayo, Uyaligcina iZwi laKhe.

185 O, uNkulunkulu, Wasethembisa uPhawu. “Futhi lapho ngibona igazi, ngizodlula kini. Futhi igazi liyakuba luphawu kini.”

186 O, soni, kulobubusuku, ungahamba kanjani usuke kulendawo, uphume ngaphansi kwaloloPhawu na? Ungalithatha kanjani noma yiliphi ithuba kunoma yibuphi ubulungu bebandla nanoma yini enye na? Ungakwazi kanjani ukukwenza, sibona ukuthi siphila esikhathini lapho kungekho khona amathemba kwezombusazwe, akukho themba esikhathini esizayo na? Into kuphela eleleyo ngukuFika kukaJesu Kristu, ukuFika kukaKristu ukuthatha iBandla laKhe.

187 Ungahamba kanjani ngokunengqondo uphume kuleli gumbi elingaphansi, uphume kuleli gumbi, noma kwenye indawo, futhi uzithembe kwesinye isivumokholo noma into obuyicaphuna, lokho akubonisi noma yisiphi isibonakaliso soPhawu lokuPhila noJesu Kristu ojwayelekile, futhi—futhi ephuma futhi eveza okufanayo izolo, namuhla, naphakade, futhi ebonakalisa iZwi laKhe njengoba Ethembisile ukukwenza; bese kuthi-ke engakwazi ukuma futhi athi, “Izinsuku zezimangaliso sezadlula,” nalo kanye uPhawu lukaNkulunkulu qobo lwaKhe empilweni yakho na?

188 UNkulunkulu uveza obala uPhawu lwaKhe manje. Futhi Uyohlala ethembekile kuLo. Ngehora lokufa kwakho, iziNgelosi zikaNkulunkulu zizofika futhi zikuthwale ekufeni, futhi ngaphambi kokuba ukwahlulela okukhulu kushaye umhlaba.

189 Futhi sifunda laphaya kuJohane oNgcwele 5:24, “Lowo ozwa iZwi laMi.” Manje, ukuhunyushwa kwangempela kwalokho akusikho ukuthi “lowo ozwayo.” Leyo yiKing James. Ukuhumusha kwangempela, ngesiHeberu kulokho, yilokhu, “Lowo *owemukela* iZwi laMi.” Hhayi ozwayo; noma ubani angaLizwa, izoni nakho konke okunye. Kodwa, “lowo owamukelayo,” angaKuthatha konke. Hhayi, “lowo owemukela *elinye* lamaZwi aMi.” “Lowo owemukela iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo.” Lapho wemukela iZwi, uyaMemukela. Konke Athi kwenze, lokho uzimisele futhi ujabule ukukwenza. “Owemukela iZwi laMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikudlula ekwahlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” O, isithembiso esinjena pho! “Lapho ngibona loluPhawu, ngizodlula kini.”

190 Ulindele thina manje ukuba siveze obala uPhawu lwaKhe kuzo zonke izinkoleloze ezingakholwa zikaSathane namahlelo alelizwe, ukuthi siyakholwa ukuthi lokho Akuthembisile (njengenzalo ka-Abrahama) Uyakwazi ukukugcina. Kungakhathaleki ukuthi kungokwesayensi kanjani, bangaki osomkhumbi mkhathi, bangaki ososayense, abasukumayo futhi bafakazele *lokhu* noma bafakazele *lokho*,

futhi ngonyaka ozayo kufanele kuhoxiswe, asinandaba ukuthi bathini. Yonke imfundo yethu ayisoze yakunika ukuPhila.

191 Ngihlala edolobheni lapho iNyuvesi yase-Arizona ikhona. Futhi ngitholani phezulu lapho ngaphandle kokungcola nobunuku, nezikole eziphakeme nezinto zalelodolobha; ngolunye usuku, babenabafana namantombazane abangamakhulu amane bekhumule izingubo zabo, bephethe amakege kabhiya, bedansa endaweni enkulu phezulu eSabino Canyon phezulu lapho. Zonke lezizinganyana ezincane zivela emakhaya, kanjalonjalo, ngalapho, ngizithola phezulu lapho, zivela enyuvesi. Yini esinayo na? Inyuvesi ingakutshela ukuthi imbewu yenziwe ngani, kodwa ayikwazi ukunika imbewu ukuphila. Imfundo yakho ikuyisa kude noNkulunkulu kuphela.

192 Munye kuphela Ongakunika ukuPhila. Munye kuphela Ongakunika ukuPhila, futhi Uzokwenza. Uma uzobheca uPhawu, kulobubusuku, Ulapha ukuba Azinikele kuwe futhi akunike ukuPhila. UJesu Kristu ungukuphila kwakho. Ngeke niMemukele, kulobubusuku, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu na?

193 Wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba, ngaphakathi nangaphandle, ezindlini ezingaphansi noma kuphi. Lesi yisikhathi esinesizotha. Lesi yisikhathi sokubonga. Lesi yisikhathi enibonga ngaso uNkulunkulu etafuleni lenu, namuhla, nina bantu, ngethemba ukuthi nenzile, ngokudla Aniphe khona. Into efile, ukuthi into ethile yafa ukuze uphile, futhi ubonga uNkulunkulu ngokukuvusa ukuba uphile ngakho.

194 Manje, kulobubusuku, kungani ungemukeli, hhayi lokho kuphila kwemvelo okufanele kubuyele emuva nezinto ezifile emhlabeni, kodwa awukwemukeli ngani ukuPhila okuPhakade, lapho Anikela khona okuthize, wakuvusa, iNdodana yaKhe uQobo; ukuze ubungahambisana kuwo umfanekiso waKhe uQobo, ngokwenziwa busha komoya wakho, ukuthatha okwakho nokwemukela okwaKhe, okuwuPhawu lokuthi unokuPhila. Futhi Uyokwedlula kini futhi anivuse ngosuku lokuvuka.

195 Lokhu kungaba ukubonga kwangempela. Lokhu kuyokhombisa ukubonga kwakho kuNkulunkulu Okwenzele indlela, futhi wabeka ukuPhila okuPhakade phambi kwakho, phezu kwetafula laKhe uQobo, futhi ukumemela kuLo kulobubusuku. UngaKwenqaba kanjani na? Ungahlala kanjani etafuleni futhi ubonge ngokudla kwemvelo, esikweni obaba bethu abangabahambi abalenza, ngoSuku lokuBonga; kungani kungabi manje uma sekucaciswe kini kakhulu, kulobubusuku, ngalendlela encane yokukushumayela na?

196 Kungani ungakwamukeli manje, futhi uthi, “Ngifuna lolohlobo lokuPhila, Mfowethu Branham. Ngizokwamukela lokho. UJesu wangifela. Futhi mina, mhlawumbe ngijoyine

ibandla, ngibe nesivumokholo; kodwa ngempela ukubona ukuPhila kukaKristu kungigqugquza nje, izwe lize life, futhi Uphila ukuPhila kwaKhe kimi njengoba Wakuphila lapha emhlabeni, angikuboni, Mfowethu Branham. Futhi ngifuna ukuba nakho. Ngifuna ukuba nesiqiniseko."

197 Awukwazi ukuthatha ishansi. Sesileyithi kakhulu manje. Siba leyithi kakhulu kulawa mathuba. AsiKwemukele manje.

198 Manje, angikwazi ukuletha abantu kuleli altare. Angikwazi ukukwenza, alikho igumbi elanele lapha. Kodwa ukubizela e-altare kuyisiko, futhi. Ukubizelwa e-altare kwaqala ngezinsuku zikaWesley. Okwangempela, "Bonke abakholwayo babhaphathizwa," iBhayibheli lasho.

199 Bangaki phakathi lapha, engibabona ngokubonakalayo, phezulu kovulandi abasesitezi, emihubheni nxazonke, naphansi-na-phezulu ezindongeni, nasezihlalweni zikanokusho, Angazi ukuthi bangaki abangaphandle noma phansi egumbini elingaphansi. Kodwa bangaki kini, abafuna loloPhawu, uMoya oNgcwele empilweni yakho, oLuzoziveza ngqo phambi kwakho na? Ngaphambili ngqo nje kwezinkoleloze nezinto zalomhlaba, ukuthi ungabona ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade, iGazi libheciwe. Ningaziphakamisa izandla zenu, futhi nithi, "Mfowethu Branham, mina manje, ngokuphakamisa isandla sami, ngiyabonisa kuNkulunkulu, Ngifuna lokho empilweni yami. Ngikhulekele, Mfowethu Branham."

200 Kukhona izandla ezingamashumi amabili noma ngaphezulu, ngiqagele, phezulu. Ingabe kukhona okwengeziwe na? Vele usiphakamise. Uma ngingakuboni nokukubona, Uzokubona. Phezulu le kuvulandi osesitezi, phezulu emagumbini afakwe ingilazi phezulu lapho, uma nje nizophakamisa izandla zenu, uNkulunkulu uzonibona. Ngaphandle, uNkulunkulu uzonibona. Phansi phakathi e—ehholo elikhulu esitezi esingaphansi, uNkulunkulu uzokubona uma uzophakamisa izandla zakho.

201 Mfowethu, dadewethu, manje kini bantu abemukele uKristu eminyakeni edlule, futhi mhlawumbe uyazizwela ukuthi—ukuthi ulutholile loloPhawu. Ngethemba ukuthi kulungile. Uma unalo, awufanele ukhathazeke ngakho. LiyaZibonisa lona. Bengingakugwema kanjani ukuba nguBeethoven uma ephila kimi na? Uma uKristu ekuwe, zibuke nje esibukweni sikaNkulunkulu lapha, iBhayibheli. Bona ukuthi omunye umlingiswa weBhayibheli wayebukeka kanjani, bona uma ufana noDaniyeli, noHezekeli, namaKristu eBandla lokuqala. Bona ukuthi ufana nabo. Ingabe ungowezwe na? Ulithanda izwe noma izinto zezwe na? Ingabe konke lokho kufile futhi usuba isidalwa esisha na?

202 Emuva ngale kwesokudla sami, emuva ophikweni lapha, ungaphakamisa izandla zakho, futhi uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, ngempela ngifuna ukuveza loloPhawu.

NgiyaLifuna empilweni yami. Ngifanele ngibe naLo.” UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe. Abaningi benu, yebo, iNkosi iyanibona. UNkulunkulu akubusise.

203 Ngifisa sengathi ngabe bekukhona indlela ethile manje, ngemuva kokuthi uphonse phezulu izandla zakho kanjalo, futhi ngokungangabazeki kukhona cishe abaningi esitezi esingaphansi, cishe, njengoba kukhona isitezi esiphezulu lapha, futhi—futhi ngakho-ke siyamangala nje . . . Ngingenzani manje na? Nakhu enginakho, nginitshele iZwi, mina ngi . . . ngendlela elula enginayo, ngoba ngi—ngingumuntu nje olula. Futhi yilokho ofuna ukuba yikho khona manje, ukuba lula nje. Vele uzenze ube lula. Futhi uNkulunkulu ulula kakhulu.

204 Uma ungakaze ubhaphathizwe embhaphathizweni wobuKristu, woza. Bazokubhaphathiza, kulobubusuku, uma ufuna ukubhaphathizwa. Bonga uNkulunkulu ngokuthi ikhona indlela yokuphila. Ububonga, namuhla, ukuthi ubuhlala eMelika. Bonga uNkulunkulu ngokuthi unebandla lapha elikholwa iZwi likaNkulunkulu. Mbonge uNkulunkulu ngoba ukunika ukudla ozokudla, ukuthi ungahle uphile kade kancane, manje kungani ningaMemukeli futhi nibonge ngoMoya oNgcwele oninika ukuPhila okuPhakade. Kungani ungeke uze futhi ukwamukele Lokho na? Ngabe ukhona omunye ongakaziphakamisi izandla zakhe, ongathanda ukukwenza manje, ngokubonakalayo lapha engikwaziyo ukukubona na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. UNkulunkulu abusise lowo wesifazane osemusha. Futhi uNkulunkulu akubusise. Lokho ku, lokho kuhle.

205 Kusho ngempela manje, kusho nje ngokoqobo. Lelihora lokuvala manje, sinemizuzu emihlanu kuze kube isikhathi sokuvala, kuze kube ukugamanxa kwelesishiyagalolunye. Ake sihlale nje singanyakazi umzuzwana nje, ngaphakathi nangaphandle. Ake sicabange ngalokhu, ngobuqotho. Akunjalo . . . Kuletha nje imizwa, impela. Kodwa masingacabangi ngemizwa njengamanje. Ake sicabange ngobuqotho balokho esikwenzayo, “Ngokukholwa ngibeka izandla zami phezu koMhlatshelo wami, uJesu Kristu. Ngifuna ukubandakanywa ekufeni kwaKhe. Ngiqedile ngezwe. Ngiqedile ngeHollywood. Ngiqedile ngezimfashini.”

206 Abesifazane, “Ngidlulile ekugundeni izinwele zami. Ngidlulile ekugqokeni izingubo zokuziphatha okungcolile. Ngidlulile ekuzipendeni. Ngidlulle ekudlaleni amakhadi. ngi—ngidlulile ngodoti wezwe.”

207 Wena ndoda, kanjalo, “Ngidlulile ngokuphuza. Ngidlulile ngokubhema. Ngidlulile ngokuqamba amanga. Ngidlulile ngamahlaya. Ngidlulile—dlulile ngokuncokola. Ngidlulile

ngawo wonke lamazwi angathi shu iBhayibheli elathi siyoziphendulela ngawo."

208 "Ngifuna isiBonakaliso. Ngifuna uPhawu empilweni yami. Ngibeka izandla zami, ngokukholwa, khona manje, phezu koMhlatshelo wami, uJesu Kristu. Ngizikhomba njengomuntu ofile," noma owesifazane ofileyo, umfana noma intombazane. "Ngiyafa manje, kanye naYe, ngoba Wafa ukuze ngiphile. Futhi ngemukela ukuPhila kwami, kuYe. Futhi, O Nkosi, kwazise kimi, kulobubusuku, ukuthi ukuPhila okuPhakade manje kuhlala ngaphakathi kimi."

209 Cabanga leyo micabango. Kholwa lezozinto. Makuthi lonke leli qembu labantu elimi lapha, phezulu, phansi, futhi nxazonke endaweni, bonke mabakuthathe lokho ngokujulile nangobuqotho. Uzobona umhlangano wokuphulukisa ongakaze uwubone ngaphambili, lapho kuqala lokhu, kuqala lokho. Esikudingayo manje ukuphulukiswa komphefumulo wethu, ukukholwa, i—i—into ethize kithi ebamba iZwi, ukuthi lapho ubona iZwi lenziwa libe ngeliphathekayo. "Khuluma iZwi nje, futhi Liyoba njalo." Njengoba umRoma asho kuJesu, "Khuluma iZwi nje, futhi lizoba njalo."

210 Baba waseZulwini, ngiyaqonda ukuthi umkhuleko wami manje uphakathi kwabaphilayo nabafileyo. Ngizakuthini, Nkosi na? Hlobo luni lwamagama engingalusebenzisa na? Ikuphu ukuzwakalisa engingeza ngakho kuWe, Nkosi na? Angazi ukuthi ngithini. Baphakamise izandla zabo. Uyazi ukuthi yini eyayingemuva kwaso, noma ngabe bebekuhlosile, noma bakwenza nje njengenjwayelo, noma bebekuhlosile ngempela. Uma bebekuqondile, Nkosi, ngiyazi Usho iZwi laKho. Ulungele ukuveza noma yini Oyithembisile.

211 Futhi ngikhulekela labobantu manje. Ngamunye wabo, ngibiza kuNku-. . .kuKristu. Ngamunye, ngimbiza njengendebe yaloMlayezo kulobubusuku, weGazi likaJesu Kristu, noMoya oNgcwele owavela eGazini. Ikhemikhali, impela, Wanikela ngeGazi laKhe. Wavusa inyama yaKhe, kodwa Wanikela ngeGazi laKhe. Amakhemikhali oma, esikhathini eside esedlule, ezansi lapho eKalvari. Kodwa uPhawu olwalusemakhemikhalini, uMoya oNgcwele owawukulawomakhemikhali, musha nje futhi ungowangempela, kulobubusuku, njengoba Wawunjalo ngosuku lapho amangqamuzana ephulwa khona emzimbeni waKhe. Lolo wuPhawu. Lolo wuPhawu, uPhawu lwaphakade, NgukuPhila okuPhakade. Ngikhulekela ukuthi Luzofika phezu kwalowo nalowo manje onamakhanda abo ekhotheme, futhi uma bezoLwemukela.

212 Bayabonga, kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Wenze indlela. Bayabonga ngoJesu Kristu, into efileyo Owayivusela ukulungisiswa kwethu, ukukhombisa ukuthi uma sithatha

ukuPhila kwaKhe, singaphila phakade. Kwangathi Lungehlela phezu kwaleliqembu, labo abaphakamise izandla zabo. Futhi mhlawumbe abanye babo, ngenkathi bazi ukuthi bebefanele ngabe bakwenzile, kodwa bakubeke eceleni isikhathi eside kakhulu, neside, kuze kuthi emva kwesikhashana kukhona isibazi sokusikeka lapho. Asisekho isifiso. Nkulunkulu, mshukumise lowo muntu futhi. Lokhu kungase kube ubusuku bokugcina emhlabeni ukuthi bazophila. Kusasa kungase kube leyithi kakhulu.

213 UMnu. Kennedy wazi kanjani, ukuthi ehla ngesitaladi, ehleka, ukuthi ngomzuzu owodwa owengeziwe, uyobe elele ethangeni lomkakhe, efile. Ngeviki eledlule ubejabule, ethokoza, edlala nabantwana bakhe, kulobubusuku umzimba wakhe uyabumbeka ethuneni. Indoda eyaziwayo, uMongameli wethu, kodwa ukufa akukhethi bala lamuntu. Kufanele kufike.

214 Futhi manje, Nkosi, sengathi singakulungiselela lokho kufa kulelihora. Ngiyakwemukela, Nkosi, kabusha. Ngizilangazelela kabusha naWe, kulobubusuku, Nkosi, njengoba ngimi epulpiti. Njengoba ngikhulume kubantu kulokhu ukusa, mayelana nokuvakasha kwaKho esiqongweni sentaba, Nkosi Nkulunkulu, ngi—ngiyaKwethembisa, kabusha, mangiphile inqobo nje uma Ufisa ukuba ngiphile, futhi mangithembeke ezimigomweni yaleliZwi. Sengathi ngingaphila, ngize ngikwazi ukukhulula eyami imicabango, ngikhulule eyami impilo, futhi ngivumele ukuPhila kukaJesu Kristu kubonakale ngakho, eZwini laKhe elithenjisiwe lalolusuku. Futhi kwangathi lesisithembiso esikhulu singafika phezu kwawo wonke umuntu okhona manje, ngokuba sikucela eGameni likaJesu Kristu.

215 Namakhanda ethu ekhotheme manje.

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli
> Nezoni zabhukuda ngaphansi kwethantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.
> Kusuke lonke ibala lecala lazo,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo;
> Nezoni zabhukuda ngaphansi kwalelothantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.

216 Manje namakhanda ethu ekhotheme. Wena owenze lokho, wamukela, "Jesu Kristu, ngiyaKufuna. Ngifuna uPhawu lwaKho." Niyabo, ngumkhuleko wakho okusindisayo, wukukholwa kwakho okukusindisayo. Uyakholwa manje ngenhliziyo yakho yonke, futhi usulungele umbhaphathizo womKristu, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Yisho nje, "Ngilungele." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Esitezi esiphansi, angazi ukuthi bangaki abasezansi lapho. Vele uthembise uNkulunkulu. Emuva

ephikweni lapha, kwesokudla sami. "Manje ngikholwa uJesu Kristu, futhi ngilungele umbhaphathizo lomKristu."

217 "Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono." Okwani na? Ubhaphathizelwani eGameni likaJesu Kristu na? Okokuthethelelwa; ukuthethelela! "Alikho elinye igama ngaphansi kweZulu elinikezwe phakathi kwabantu." Okokuthethelelwa kwezono! "Futhi niyakwamukeliswa uPhawu. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

218 Futhi uma uNkulunkulu ekubiza, futhi uphakamise isandla sakho, khona-ke isithembiso singesakho. Bonga. Zenze wena phezulu lapha futhi uzibandakanye noKristu, ngenkathi uzela umbhaphathizo wamanzi. Umfundisi uzohlangana nawe lapha futhi alungiselele izinkonzo zombhaphathizo, lapho ufuna ukubhaphathizwa. Ngicabanga ukuthi banezingubo nezinto sezilungele khona manje, ugumbini elingaphansi, okwenkonzo yombhaphathizo, uma nifisa kanjalo. Ungakuhlehlisi, kusasa. Kwenze manje. "Obeka isandla sakhe egejeni, aze ngishe ajike abheke emuva, akakufanele ukulima." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Veza obala uPhawu emsebenzini wakho. Luveze, yonke indawo. Noma, uma ubonga, phakamisa izandla zakho, futhi ubonga kuNkulunkulu, ukuthi ubandakanywe noKristu. UNkulunkulu akubusise. Ya.

219 Manje, dade kwi-ogani, *Ukukholwa Kwami Kubheka Kuwe*. Dadewethu Anna Jeanne, uma uzophelezela upiyano. *Ukukholwa Kwami Kubheka kuWe,* sisamile, futhi, sime ngezinyawo zethu khona manje, ukunikeza ubufakazi kuNkulunkulu. Ake ngamunye manje, acule lelihubo elidala lebandla, ngekusasa, ukuthi uma sisuka lapha, lelizwe, ngaphambi koKubonga okulandelayo futhi, usuku loKubonga, ukuthi zonke izinsuku ekuphileni kwethu kuyakuba ukubonga, ukuthi iZwi lisaphila, ukuthi sibandakanywa naYe, ekufeni, ukumbelwa, nasekuvukeni.

220 Futhi manje nina enisesitezi esingaphansi, wena okuvulandi osesitezi, nawe ngaphandle, emihubheni, othile uzohlangana nawe lapha manje, ukuthatha isicelo sakho sombhaphathizo wamanzi, esikhashanyaneni nje.

221 Masivale amehlo ethu manje, siphakamise izandla zethu, kube umnikelo wethu wokubonga kuNkulunkulu, esitezi esingaphansi, esitezi esiphezulu, yonke indawo. Kulungile.

> Ukholo lwami lubheka kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,

O Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
Futhi makuthi mina ngi-. . .
Kusukela kulolu suku ngibe ngowaKho wonke!

Ngenkathi ngisanyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo, (yiba ukukhanya)
Futhi usizi lwanda ngakimi, (veza uPhawu lwakho)
Wena yiba nguMholi wami;
Yala ubumnyama bube imini,
O, sula konke ukwesaba kwami,
Futhi ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

222 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, *"Ukukholwa Kwami Kubheka Kuwe."* Umzalwane uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umzalwane uyaqhubeka ekhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umzalwane unikeza incazelo—Umhl.]

223 Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ngobizo olunjalo, ngizwa ukuthi ngifanele ngibize labo abazongenela ukuba benyukele lapha phambi kwaleli altare. Ingabe ukukholwa kwakho kubheka kulokho na? Niyakhumbula ngesinye isikhathi lapho ibandla lalimile, noMoya wehlela phezu kwendoda futhi yaprofetha. Ukukhuluma ngezilimi, nokuhumusha, yisiprofetho. Ngakho-ke, ngicela abangenele manje, uma nizoza ngaphambili, nina eningazi ukuqinisekisa ukuthi ninaLo. Nisizwile leso sixwayiso na? Aninaso isikhathi esiningi kakhulu. Kungahle kube ithuba lakho lokugcina, kulobubusuku, ungahle uWudabukise okokugcina.

224 Ningeza, sisakhothamisa amakhanda ethu. Futhi sicule futhi, phansi, "Kunomthombo" (kulungise, lapha manje) "ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli." Kulungile. Amakhanda enu ekhotheme. Wozani, abazongenela. Ngiyafuna. . .UNkulunkulu akubusise. Yenyukani ngqo manje, esitezi esiphezulu; noma, esitezi esiphansi, khuphukani futhi nibuthanele ndawonye, futhi athumele umfundisi ezansi lapho manje ukuba akunakekele. Hamba uye phambili manje. Wena ozayo, khuphuka khona manje. Ungabe usakuhlehlisa. Ungavumeli uSathane athi, "O, ngesinye isikhathi." Kwenze khona manje. Khona manje, ngokushesha, nyakaza. Phatha udondolo esandleni sakho. Udondolo esandleni sakho, izinkalo zakho ziboshwe; iphasika liyeza.

. . .ibala elinecala.
Kusuke lonke ibala lecala lazo,
Kusuke lonke icala lazo.

225 Qhubeka uphuma nje, uqhubeke wehle, woza ukhuphuke ngqo ngakhona.

Futhi—futhi izoni zibhukuda . . .

226 Ungazami, ungathathi ishansi nje. Sekuleyithi kakhulu ukuthatha ishansi, mngane. Uma ungaqinisekile, woza manje. Manje yisikhathi.

Isela elalifa lajabula ukubona
LowoMthombo (o, ukubonga kwangempela!)
. . . usuku lwakhe;

227 Othile ubonga uNkulunkulu ngokuthi wathumela iNdodana yaKhe ukuze ikhonjwe phakathi kwabantu.

. . . mubi njengaye,
Wahlanza zonke izono zami . . .

228 Yehlisa inenekazi ngesikhala esiphakathi nezihlalo. Kulungile. Woza ngqo, dade.

Hlanza zonke izono zami,
Hlanza zonke . . . (o, isikhathi esinje manje!) . . . kude;
O, futhi kwangathi, nakuba ngimubi njengaye,
Hlanza zonke izono zami a . . .

229 O, uMthombo ulapha manje. Asiphakamise izandla zethu, yonke indawo, ekubongeni uNkulunkulu. Ukubonga!

230 Baba Nkulunkulu, yemukela ukubonga kwethu, kulobubusuku. Yemukela lababantu eMbusweni waKho, Nkosi. SiKunika ukubonga nokudumisa, ngeNkosi yethu uJesu.

231 Abanye benu bazalwane yehlani phakathi kwalababantu manje. Wozani nehla ngqo phakathi kwabantu.

232 Makabongwe uNkulunkulu! Ngiyabonga, kulobubusuku, ngoMoya oNgcwele, nangezinto esaziyo ukuthi Uyazenza.

233 Nina enizungeze i-altare manje, nikelani izimpilo zenu kuYe ngqo. Lesi makube yisikhathi lapho ukuPhila kungena khona.

Kusuke lonke ibala lecala lazo.

234 Bongani nje eNkosini manje, nonke, ngokubonga nje. Wakwethembisa uMoya oNgcwele; bonga ngaWo. Yilokho ababekwenza, bebonga futhi bebusisa uNkulunkulu, ngesithembiso. Kukholwe nje manje!

Mfowethu Don, woza.

